# *Ukhalelani Na? Khuluma!*

. . . nasendlini yeNkosi. Kuhle kakhulu ukuba lapha, nasenkonzweni yeNkosi uNkulunkulu wethu.

2 Manje, lokhu kuhlala kuyi—yinhlanhla kimi ukuza ebandleni, kodwa ukuza kuMfowethu Junie lapha, kuyinhlanhla nje eyengeziwe kancane. Sengimaze isikhathi eside uMfowethu Junior. Futhi ngajabula kakhulu ukumbona engena kulendlela enhle yeVangeli endala, futhi ephuma eshumayela iZwi. Ngibona iNkosi imbusisa, nabantu bonke bemhlonipha, lokho kuyamangalisa nje.

3 Manje, ngiyazi bekunabanye abantu lapha kulokhu ukusa, abashayele amabanga amade, futhi bazofanele babuyele emuva kulobubusuku, ngokuba mhlasimpe, mhlawumbe baye emsebenzini kusasa, amamayela amaningi, ezansi e-Ohio. Futhi, noma phezulu e-Ohio, bengiqonde ukusho njalo. Futhi ngathi ukulahlekelwa yizindlela zami; phezulu e-Ohio.

4 Futhi khona-ke sakwethembisa lokho, kulobubusuku, besizoba no—nomugqa womkhuleko. Ngakho-ke asifuni ukunibamba isikhathi eside kakhulu. Kuyashisa. Futhi khona-ke okomugqa wethu womkhuleko. Kodwa siyazi ukuthi senivele nibusisekile ngokucula nanganoma yini eniyenzile. Ku—kubusiselwe nina. Futhi sethemba kuNkulunkulu manje ukuthi Uzoqhubeka nje abe nathi futhi asibusise, futhi asinikeze isifiso senhliziyo yethu. Manje usufake konke onakho enkonzweni ngqo, konke ukunaka kwakho, konke ukwethembeka nobuqotho ongakwenza. Futhi kade ngisemkhulekweni kulentambama manje ngenzela inkonzo kulobubusuku.

5 Futhi, manje, ngethemba ukubuya futhi ngibe nani futhi maduze. Futhi nonke nisivakashele, phezulu etabernakele. Sizwa ukuthi lelibandla elincane liyibandla elingudade etabernakele. Yilokho okuyikho. Yibandla nje elingudade elincane, letabernakele. Leli, nasenhla kwaMfowethu Graham, nangakhona. Futhi ngakho-ke siyajabula ukuvakashela udade omncane kulobubusuku. Futhi sethemba ukuthi udade omncane uzokhula futhi akhule futhi akhule abe yinenekazi elikhulu. Futhi ngikholwa ukuthi uzokwenza, futhi, ngo—ngomusa nosizo leNkosi.

6 Njengoba uPawulu atshela uThimothewu, "Qinisa, kuyisikhathi, kungesiso; qinisa. Sola—sola, ukhuze, ngakho konke ukubekezela neMfundiso. Ngokuba kuyakuba-khona isikhathi lapho bengayikuvuma isiFundiso esiphilileyo; kodwa ngokwezindlebe . . . ngokubatshwa kwezindlebe zabo, bayozibuthela abafundisi . . . "

7 Ngakho-ke siyazi, ukuthi, uNkulunkulu enathi ngenye yezinto ezinkulu kunazo zonke. Bengisegumbini, kulentambama, ngikhuleka. Futhi ngicabangile, "Iyiphi into ethize enkudlwana ukuyazi kunokuthi usindisiwe na?" Manje ngitshele nje ukuthi yini ebingaba ngenkudlwana.

8 Ngasho kumngane wami, uMfowethu Evans. Ngathi, "Mfowethu Evans, ukuba nganginenkinobho encane lapha ebengingayicindezela, futhi bengingabuyela eminyakeni engamashumi amabili ubudala, futhi bengingaba neminyaka engamashumi amabili ubudala okweminyaka eyizinkulungwane eziyishumi, futhi ngibe yinkosi emhlabeni wonke futhi ngingalokothi ngikhule nakancane, ngihlale nje kulowonyaka; ngibe nakho konke okusezweni, ezandleni zami uqobo, futhi ngiphile ntofontofo okweminyaka eyizinkulungwane eziyishumi, bese-ke ngilahlwa ekupheleni kweminyaka eyizinkulungwane eziyishumi. Noma, ngicindezele enye inkinobho, futhi ngife masinyane, nokuPhila okuPhakade." Ngathi, "Bengingacindezela inkinobho yokuPhila okuPhakade, ngingawuthathi ngisho umcabango wesibili. Ngokuba bekungathiwani ukuba . . . "

9 Khona-ke waphenduka, futhi wathi, "Uqinisile. Bekungathiwani uma besiphile iminyaka eyizinkulungwane eziyishumi, futhi kulobubusuku, ngehora lesishiyagalombili noma lesishiyagalolunye nqo, iminyaka yethu eyizinkulungwane eziyishumi ibisiphelile na?" Nakho lapho ukhona.

10 Ngakho-ke akukho okukhulu kunokuPhila okuPhakade. Futhi Kungokwethu sonke. "Othandayo angeza."

11 Manje, uNkulunkulu akazukubeka icala umuntu ngakho, ngoba uyisoni, ngoba wazalwa eyisoni. Kodwa lokho uNkulunkulu azobeka icala umuntu ngakho, yingenxa yokuthi uhlala eyisoni. Akadingekile ukuba ahlale eyisoni, ngoba kunokuhlinzekela okwenziwe kokulungisiswa ngoJesu Kristu. Ngakho-ke siyethemba, kulobubusuku, uma kubakhona ngaphakathi noma ngaphandle, ongakamemukeli uKristu, ukuthi lobu kuzoba ubusuku ukuthi okuthize kuzoshiwo noma kwenziwe, okuzoniphaphamisa, kuniyise endaweni enaziyo ukuthi nidinga uKristu.

12 Bese kuthi-ke uma nje uMemukele njengoMsindisi oqondene nawe, futhi namanje ungakawamukeli uMoya oNgcwele okwamanje, Ngethemba ukuthi kulobubusuku uzoWamukela.

13 Ngibona abanye abafo betabernakele lapha. Ngizosho lokhu ngodadewethu omkhulu. Niyabo? Into eyodwa itabernakele eliyidingayo enhla lapho ebandleni lethu, etabernakele eJeff, ngukuphinda ukuzinikela nokuphinda ukugcwaliswa kukaMoya oNgcwele. Kunjalo. Wonke umuntu ehlele e-altare futhi akhuleke baze bathole ukuhlunyeleliswa kukaMoya oNgcwele, ibandla lonke ligcwaliswe ngaMandla kaNkulunkulu, yilokho

esikudingayo. Hhayi itabernakele kuphela lapho, kodwa uMzimba kaKristu, emhlabeni wonke, udinga ukuphinda ukugcwaliswa. Ngiyathanda . . .

14 UDavide wathi ngeliny'ilanga, "Buyisela kimi intokozo yensindiso yami." Manje wayengalahlekelwanga yinsindiso yakhe, kodwa yinjabulo yayo. Futhi lapho sekufika endaweni lapho engingeke khona ngithokozele inkolo yami, insindiso yami, kukhona okungalungile ndawana thize, ngoba, "Kuyinjabulo engakhulumekiyo negcwele inkazimulo." Omunye wabo wathi, "Nambithani futhi nibone, iNkosi inhle. Kunambitheka njengoju edwaleni." O, ngijabula kakhulu ukuthi ngikunambithile Lokho. INkosi inhle. Futhi ngiyaluthanda uju, kodwa angikaze ngikunambithe okufana naLokho. Lokho ngokuhle ukwedlula konke engikwaziyo.

15 Manje sizosheshisa singene enkonzweni, futhi sibone ukuthi singalikhipha ibandla kuse-eli ukuze abantu bengaya ezindaweni zabo, nasekukhonzeni, noma emsebenzini kusasa, namakhaya abo.

16 Futhi manje silindele umhlangano omkhulu phandle eWest Coast, khona manje. Futhi siyacela futhi siyanxusa imikhuleko yalelibandla nabo bonke lababantu, ukuba bangikhulekele.

17 Namhlanje ekuseni kukhona okwenzekile. Angikaze ngiye, neze, ebandleni elincane, ngaphandle uma uNkulunkulu engenzele okuthize ngokukhethekile. Ngiyakuthanda lokho nje. Futhi kulokhu ukusa, emva kokuba sengiqedile ukushumayela, ngokuphelele ngokwenqubo, uMoya oNgcwele wehlela phakathi kwethu futhi wanikeza umlayezo kuMfowethu Jackson, osanda kunginamathela, yonke intambama. Ngokusobala, ngithola iteyipu, ukuze ngikwazi ukuyidlala ngiyiphindaphinde, ngingayithola. Ngokuba, muva nje, bengilokhu ngizizwa . . . Umkami lapha uyazi. Kade ngimtshela ukuthi iNkosi ibizongivakashela ngandlela thize, khona manjalo. Futhi kungahle ukuba bekuyilowomlayezo kulokhu ukusa, ngoba kunginikeza umbono owehlukile. Kunginike indikimba engifisa ukukhuluma ngayo okwemizuzu embalwa.

18 Ngifisa ukufunda manje eNcwadini ka-Eksodusi, isahluko se 14 nevesi le 15.

> *INkosi yathi kuMose, Ukhalelani kimi na? Yisho* ku*bantwana bakwa-Israyeli ukuba bahambe:*

19 Angifunde ele 16, futhi.

> *Phakamisa . . . induku yakho, . . . yelula isandla sakho phezu kolwandle, ulwahlukanise: abantwana bakwa-Israyeli baya*kwedlula *phakathi kolwandle emhlabathini owomileyo.*

20 Kwangathi iNkosi ingenezela izibusiso zaYo ekufundweni kweZwi laYo.

21 Futhi manje asikhothamise amakhanda ethu umzuzwana nje senzele umkhuleko. Futhi uma kukhona abantu lapha abangathanda ukukhunjulwa kulomkhuleko, ningakwazisa kuNkulunkulu ngesandla esiphakanyisiweyo. INkosi ikuphe isifiso sakho.

22 Nkosi, thina manje, ngesizotha nangenhlonipho nanjengomntwana, ehamba emihlabathini engcwele yomkhuleko. Silahla konke okusindayo, sonke isono, yonke imicabango ethandela kangaka kithi, ukuze sigijime ngokubekezela umncintiswano obekwe phambi kwethu. Futhi njengoba singena kulezi ezibusisiwe, izihlabathi ezingcwele zomkhuleko, sazi lokhu, ukuthi uJesu wathi, "Celani uBaba noma yini eGameni laMi, Ngiyolwenza." Kanti futhi kulotshiwe, "Uma nihlala kiMi, neZwi laMi kini, celani enikuthandayo, futhi kuyokwenziwa kini."

23 Khona-ke siyeza, Nkosi, hhayi egameni lalelibandla elincane, noma egameni lomelusi walo, nakuba sibathanda, noma hhayi egameni lethu uqobo, ngoba asinalutho esinganikela ngalo. Kodwa siza kuleloGama elenele konke leNkosi uJesu, Owasinika isithembiso, ukuthi uma sicela eGameni laKhe, singemukela noma yini esiyicelayo.

24 Futhi besingeke sifune ukucela noma yini ebiyinganekwane. Besingafuna ukucela lokho kuphela obekungathokozisa kuWe. Uyazazi izimo zethu. Uyakwazi esikudingayo. Uyazi ukuthi lelibandla elincane lidingani, nokuthi umuntu ngamunye udingani. Futhi sizokhuleka kuWe, Nkosi Nkulunkulu, ukuba usiphe, okuningana, njengoba sinezidingo. Kwangathi uMoya oNgcwele omkhulu ungehlela phezu kwalesisakhiwo nangakulababantu, futhi ungcwelise leliqembu, ukuthi uMoya oNgcwele ungahle ube lapha masinyane kuyo yonke inhliziyo, kulobubusuku, kusukela komncane kunabo bonke wabantwana kuye komdala kunabo bonke. Siphe khona, Nkosi.

25 Lezizandla eziphakanyisiwe, Uzibonile impela kakhulu, Nkosi. Uma umzwilili ungeke uwele emgwaqeni ngaphandle kokuthi Wena uwazi, Wazi kakhulu kangakanani lapho umntwana waKho ephakamisela isandla sakhe ngaseZulwini enzela isinkwa. Sithenjisiwe ukuthi ngeke kwemukele itshe, esikhundleni. Siyazi ukuthi Uyakubanika isinkwa abasicelayo. Futhi besingacela, ukukhumbula bonke lowo ogulayo nohluphekileyo.

26 Ngijabula kakhulu ukuzwa kuMfowethu Rogers, ukuthi ushilo ukuthi uzizwe ephile saka ngokwanele ukuba aye emsebenzini. Sijabula kakhulu ngalokho, Nkosi. Sikhulekela ukuthi Uzomphulukisa, ukuthi lowomdlavuza angeke ube ne—imasinyane, kodwa uzomiswa ngeGazi leNkosi uJesu. Ngokukholwa sibeka iGazi leNkosi uJesu phakathi komdlavuza wokufa nomfowethu.

27 Manje sicelela bonke abadingayo, yonke indawo. Bazitholele inkazimulo kuWena. Bahloniphe iZwi laKho, Nkosi, njengoba siLifundile. Futhi siphe inkonzo enkulu yokuphulukisa. Ngenxa yenkazimulo kaNkulunkulu siyakucela, eGameni leNkosi uJesu. Amen.

28 Okwendikimba, kulobubusuku, ngizothanda ukusebenzisa amagama amathathu: *Ukhalelani Na? Khuluma!* Futhi okwendaba, engingathanda ukuyisebenzisa, "Isimo sokuziphatha kwabantu kwabagcotshiweyo bakaNkulunkulu," okwesikhathi esifushane nje, mhlasimpe imizuzu engamashumi amabili, noma amashumi amathathu, khona-ke sizoqala umugqa womkhuleko.

29 UNkulunkulu wayebize uMose, ubizo olukhethekile. Futhi uma uNkulunkulu ebiza umuntu futhi emgcobela u—umsebenzi othize, Ulindela lowomuntu akwenze lokho, ncamashi. UNkulunkulu akafuni ukunikeza umuntu umyalo, futhi yena ehamba enqikaza ngakho. Ufuna ahambe aqonde ngqo phambili futhi enze khona kanye lokho ayalwe ukuba akwenze. Ungabheki kwesokudla noma kwesobunxele, vele uye phambili.

30 Futhi abantwana bakwa-Israyeli babekade besebugqilini iminyaka engamakhulu amane, kodwa uNkulunkulu wayethembisile ukuthi Wayezobavakashela. Futhi uNkulunkulu ugcina sonke isithembiso Asenzayo. Angeke aqambe amanga. UnguNkulunkulu. Futhi isikhathi sase sifikile salokhu kuvakasha.

31 Futhi ngiyakholwa, kulobubusuku, ekulinganisaneni, ukuthi uNkulunkulu wenza isithembiso sokuthi Uyobuya futhi. Ngikholwa ukuthi sisondele kulesosikhathi. Namuhla ekuseni, ngenkathi bengikhuluma ngaleyondaba, Bengicishe impela ngizwe u—umsinga, njengokusho ukuthi, ukusondela kweNkosi uJesu.

32 Manje, uMose ebizelwe lenhloso, kodwa wayengumuntu. UNkulunkulu wamqeqesha iminyaka engamashumi ayisishiyagalombili ngaphambi kokuba Aze akwazi ukumsebenzisa; iminyaka engamashumi amane esigodlweni neminyaka engamashumi amane ehlane.

33 UNkulunkulu angaqeqesha umuntu, kuMthathe iminyaka eyikhulu, okomsebenzi wemizuzu engamashumi amathathu. UNkulunkulu uyazi ukuthi kuqeqeshwa kanjani.

34 Lokho izikole ezazikubeke kuMose, iminyaka engamashumi amane, kuthathe iminyaka engamashumi amane ukukukhipha. Kodwa isikhathi esisodwa eBukhoneni bokuGcotshwa, isikhathi esisodwa eBukhoneni besiHlahla esivuthayo, wazi okuningi ngoNkulunkulu kunalokho ayekufunde ezincwadini eminyakeni engamashumi ayisishiyagalombili yokuphila kwakhe.

35 UNkulunkulu uqeqesha amadoda aKhe, bese-ke ewagcoba, uwanika isipiliyoni, uwadlulisa ekuqeqesheni okulukhuni, phansi adabule ezihlabathini zesijeziso esivuthayo, ewavivinya, ewahlola. Akakwenzi lokho kuphela kubaprofethi baKhe, kodwa Uyakwenza kubantwana baKhe. "Yonke indodana eza kuNkulunkulu ifanele iyalwe futhi ivivinywe," ivivinywe ngeZwi laKhe. Niyabo, lapho kufika ukuncinza, isikhathi esiqinile, lapho sekubhekene nokufa, ingabe uyakwazi ukuma lapho eZwini likaNkulunkulu, uthi, "UNkulunkulu washo njalo. Lokho kuyakuxazulula"?

36 Futhi uNkulunkulu wayebize indoda enjalo, naleyondoda yayinguMose. Kodwa uMose, omkhulu njengathi, ngaso sonke isikhathi kufika endaweni kokuthile okwakufanele kwenziwe, uMose wamemeza, "O Nkosi, yini okufanele ngiyenze kulendawo na?" Manje lokho akufani njengoba senza na? UNkulunkulu wayembusisile futhi wamgcoba ngaphezu kwababafowabo, umnika umlayezo nenkonzo ebikade ingekho emhlabeni kusukela ngalolosuku, kuze kube yilolosuku. Futhi, nokho, ngaso sonke isikhathi kwenzeke okuthile, uMose ubalekela kuNkulunkulu nakho, "Nkosi, ngifanele ngenzenjani na? Yini engifanele ngiyenze kuloludaba na?"

37 UNkulunkulu wathi ukukhathala yikho, ngiyakholwa. Wathi, "Ukhalelani kiMi na? Khuluma kubantu bese uya phambili." He, uma noma ngasiphi isikhathi ake wabukeka sengathi wayefanele ahlehlele emuva, kwakungaleyonkathi, kodwa uNkulunkulu akanakho ukuhlehla.

38 Ayikho indawo yokuhlehla, kuNkulunkulu. Yana phambili. Udokotela uthi, "Ngumdlavuza," yana phambili. Uma ethi, "I-TB," yana phambili. Uma udeveli ethi, "Angeke ukuyeke *lokhu*," yana phambili. Uma ikhaya lakho lisho ukuthi uzoba wuhlanya; yana phambili. Ibandla liyakukhipha; yana phambili. Akukho ukuhlehlela emuva. Yana phambili.

"Khuluma, bese uya phambili."

39 Khuluma (ini?) iZwi laKhe, futhi uye phambili. "ISHO KANJE INKOSI," futhi uqhubekele phambili. Memeza abantu.

40 Kodwa abantu khona-ke bahlubuka base bethi, "Kwakungcono ukuthi safela ezansi eGibhithe. Kwakungcono ukuthi saba namathuna ethu ephawuliwe, kunokuba izimpisi namanqe kucoshe amathambo ethu kulelihlane. Wasikhiphelelani lapha na?" Emva kokuba base bebonile ukuthi uNkulunkulu wayevumele uMose ukuba abe yinceku yaKhe.

41 UNkulunkulu, lapho uNkulunkulu engena kumuntu, noma kubantu, angene ebandleni, angene kowesilisa noma kowesifazane, Uqinisekisa uBukhona baKhe. UNkulunkulu uyafakazisa ukuthi Ulapho. Ngokuba lapho uNkulunkulu efika, izibonakaliso ezingaphezu kwemvelo ziqala ukubonakala. Lomuntu uba ngumuntu oshintshile. Abasafani kunoma

babevamise ukubanjalo. Isono sesinyamalele empilweni yabo. Ukwesaba nokungabaza sekunyamalele, ukudideka. Baqinile, abaguquki. Phila noma ufe, nguKristu. Abanandaba ukuthi yini ezayo noma ehambayo. Akukho okubanyakazisayo. Bayahamba baya phambili.

42 Futhi uMose wabatetemela abantu, nabantu bamtetemela uMose. Futhi wathi, "Sifanele senzeni na?"

Futhi, "Yanini phambili," kwakuyimpendulo.

43 Manje bathi, "Siphumele ehlane, namabutho kaFaro asondela kithi, ankanise emva kwethu nje." Kodwa uMose wayekwazi ukulalela uNkulunkulu.

44 Futhi uma uNkulunkulu ethumela omelele, futhi Egcoba lo omelele, futhi akuthumele ezweni, abantu bafanele bamlalele loyo omelele. Bekuhlala kungaleyondlela, kwehle njalo eBhayibhelini.

45 UMose wabizelwa umsebenzi. UNkulunkulu wayeshilo, eZwini, Uyokwenza. Wethembisa ukuthi Uyothumela i—into enjalo ngalolosuku, ukubakhulula. Futhi uNkulunkulu wenza ingxenye yaKhe, wathumela uMose. Futhi abantwana bakwa-Israyeli, ngenxa nje yezikhubekiso ezincane nezinto ezizayo, ukubavivinya, behluleka ukumasha noMose.

46 Manje akufani nje lokho nanamuhla na? Sibona uMlayezo uphuma. Sibona iBandla likhuphukela endaweni, emaphikweni kaMoya oNgcwele, kuze kuthi aMandla kaNkulunkulu axhuxhumisa wonke umuntu ophakathi lapho. Inkazimulo kaNkulunkulu iyawa ngapha nangapha, nezibonakaliso nezimangaliso zenzeka. Ngaphansi kweviki, uSathane uvunyelwe ukungena kulelobandla. Kungani ekwenza na? UNkulunkulu uyakuvumela. Bese kuthi-ke ibandla liqala ukukhononda, liyahlehla. "Mhlawumbe Kwakungenjalo." Yilapho esihluleka khona. Lokho ukwehluleka kwebandla. Kungakhathaleki ukuthi kwenzekani, nguNkulunkulu. Iya phambili.

47 "Awu," uthi, "kukhona uMfowethu *S'bani-bani*. Ngamemeza ukunqoba naye, kodwa usebuyile. . . " Akunandaba ukuthi wenzeni, lokho akuhlangene ngalutho nawe. "Awu, uprofesa *s'bani-bani* washo ukuthi Lokho kwakungalungile, lokho kwakungesikho okwe—kweNkosi." Akunandaba ukuthi uprofesa washo njalo, ungumfo owama ezihlabathini ezingcwele. Ungumfo owayesesihlahleni esivuthayo.

48 Kungathiwani ukuba, oprofesa baseGibhithe, kungathiwani ukuba uFaro wayethe kuMose, "O, cabanga nje ubone isihlahla. Ucabange ukuthi ubune. . . Lokho kwakungukubhonga ezindlebeni zakho"? UMose wayazi lapho ayemi khona. UMose wayekwazi Okwakukhulume kuye.

49 Futhi wonke umuntu ozelwe nguMoya kaNkulunkulu, uyazi ukuthi yini ekhuluma kuye lapho uMoya oNgcwele efika. Ukhuluma ngokuthula okudlula ukuqonda.

50 UMose wabizwa. Yena noNkulunkulu khona-ke . . . Emva kokuba uMose emukela ubizo lwakhe, wehlela eGibhithe. Khona-ke uzofanele athole abantu abazomkholwa. Manje, wayengumprofethi weNkosi ogcotshiwe, kodwa abantu abamkholwanga; nakuba Yena, uNkulunkulu, wakufakazisa, ngezibonakaliso nezimanga Azenza. Futhi ngenxa yokuthi babengamkholwanga uMose, inceku yeNkosi, khona-ke bawela ehlane, futhi bonke bafa, abashiya iGibithe. Akekho noyedwa kubo owasindiswa. Bonke bafa futhi babhubha, ngaphandle kukaJoshuwa noKalebi, abaqala ukuphuma, ngoba bavungazela futhi bakhononda ngokumelana noMlayezo oqinisekisiwe uNkulunkulu ayewukhulume eBhayibhelini.

51 O, lapho ngicabanga ngalokho! Lapho uNkulunkulu ethembisa noma yini, uNkulunkulu uyaligcina iZwi laKhe. Futhi lapho uNkulunkulu eqinisekisa leloZwi kuwe, khona-ke Likholwe. UNkulunkulu wethembisa, "Ezinsukwini zokugcina, wayeyothulula uMoya waKhe phezu kwayo yonke inyama. Futhi izinsizwa zenu ziyobona imibono, amadoda amadala ayophupha amaphupho. Futhi phezu kwezincekukazi zaMi nezisebenzi eziyizincekukazi Ngiyakuthulula uMoya waMi. Futhi ngikhombise izibonakaliso emazulwini, nasemhlabeni, nezibonakaliso ezinkulu nezimanga ziyokwenzeka ngezinsuku zokugcina." Futhi lapha sisezinsukwini zokugcina, noNkulunkulu uyaligcina iZwi laKhe. UMoya oNgcwele ulapha, futhi Uqinisekisa ukuFika kweNkosi uJesu. Futhi abantu bayaLenqaba, futhi bakhononda ngokumelana naLo, njengoba nje kwakunjalo. Lokho ukukhululwa kwethu.

52 UMose wayeyi—isigxobo sesayini yokukhululwa kuka-Israyeli, ngokweZwi likaNkulunkulu. Isikhathi sesisondele. UNkulunkulu wathuma uMose. WayengukuKhanya kukaNkulunkulu kwalolosuku.

53 Futhi, namuhla, isikhathi siyasondela. Amabhomu e-athomu aselungile. Izwe lizosakazeka libe yizicucu, maduze impela, umlotha emhlabeni wonke jikelele, lutho kodwa umlotha wentaba-mlilo. Isikhathi sesiseduze. Futhi uNkulunkulu wethembisa ukuthi Uyothulula uMoya waKhe futhi akhiphe iBandla laKhe. Futhi uMoya oNgcwele ulapha umele lokho, ngezibonakaliso nezimangaliso, ufakazisa ukuthi UnguJesu Kristu ofanayo, esimweni sikaMoya oNgcwele, enza umsebenzi ofanayo Awenza ngenkathi Wayelapha emhlabeni.

54 Liphuphuthekisa abantu. IVangeli lihlala liphuphuthekisa abantu uma bengawavuli amehlo abo. Kuphakathi kokuthi uhambe, noma Liphuphuthekisa abantu.

55 Yebo, lonke udaba eBhayibhelini, ngenkathi uNkulunkulu ethumela isithunywa, nalesosithunywa semukelwa, kwakukhona imvuselelo ngalesosikhathi. Kodwa uma zazingemukelwanga, kwakungekho mvuselelo, kodwa isiphithiphithi nje silandelwa ukungakholwa.

56 Kunjalo nanamuhla, akukho okungaphansi. Ngiyacabanga, namhlanje, ngithanda ukubalula ngowesifazane oyedwa engicabanga ngaye, eBhayibhelini. Futhi wayemubi, kwasekuqaleni, ebole kuze kuyofika emnyombeni. Osemusha, owesifazane omuhle, ogama linguRahabi. Wayengumhedeni, kwasekuqaleni. Futhi wayeyisifebe emgwaqeni. Kodwa wezwa ukuthi kwakukhona uNkulunkulu, hhayi isithombe esihlezi siyisimungulu, noma isimemezelo sezivumokholo; kodwa uNkulunkulu owayehlala phakathi kwabantu baKhe, futhi wabagcoba, futhi izibonakaliso nezimangaliso zazibalandela. Wezwa ngakho.

57 Ngolunye usuku, kufika ababili abamelele eJeriko. Futhi masinyane, yena esemgwaqeni njengesifebe, wababiza, wabangenisa endlini yakhe. Wathi, “Bayanifuna.” Futhi wabafihla.

58 Futhi ngiyasithanda isimo sakhe sokuziphatha. Akazange athi, “Ngizokholwa, uma ngibona uJoshuwa omkhulu ogcotshiweyo enza isibonakaliso esithize. Ukube bengingabona uMose enza ezinye zezibonakaliso, bengizokholwa.” Kodwa wathi, “Ngizwile.”

“Ukukholwa kufika ngokuzwa, ukuzwa iZwi.”

59 “Ngizwile ukuthi uNkulunkulu waseZulwini, onguNkulunkulu wangempela, unani nonke. Futhi Wenze izibonakaliso ezinkulu nezimangaliso. Womisa uLwandle oluBomvu. Waletha izinhlupho phezu kweGibhithe. Siyabona ukuthi Wasinikela kanjani isitha ezandleni zenu, nezwe lethu lonke liyathuthumela, ngenxa yakho. Ngicela umusa.”

60 Akazange athi, “Ngizofanele ngibone loNkulunkulu, kuqala. Ake ngithathe ukwahlulela kwami futhi ngithathe okushiwo umBhalo wami ngalokho.” Futhi, niyabo, wayengeke akuthole.

61 Kodwa, “Ukukholwa kufika ngokuzwa, ukuzwa iZwi likaNkulunkulu,” futhi wakholwa.

62 Futhi lapho lamazwi ebuyiselwa kuJoshuwa. Igama elithi *Joshuwa* lisho ukuthi “Msindisi,” njengo*Jesu*. I. . . Ngenkathi ebuyisela kuJoshuwa, ogcotshiweyo kaNkulunkulu, indlu yakhe yavunyelwa ukuba ime. Futhi ngenkathi abantu bemashe bazungeza ngokuphindwe ngeshumi nantathu izindonga zaseJeriko, futhi babetha icilongo, yonke indawo ekulolodonga yawa, ngaphandle kwendlu yakhe, ngoba wakholwa ngaphambi kokuba abone noma yini. Walamukela. Wathi, “Bayizinceku zikaNkulunkulu OPhezu Konke, futhi ngizokwemukela phezu

kwesisekelo sokukuzwa. Ngiyakukholwa." Ukukholwa kufika ngokuzwa. Wakuzwa. Wakukholwa. Wakwemukela.

63 Futhi qaphelani, bathi, "Bopha lentambo ebomvu osehlise ngayo, uyibophele efasiteleni." Lokho "okubomvu" kwakukhuluma ngeGazi likaJesu, ukubuyisana. Futhi yonke indawo kulolodonga yawa, ngaphandle kwendlu kaRahabi. Ihlezi phezu kodonga. UNkulunkulu wamhlonipha. Futhi Yena . . . Wabona isimangaliso esikhulu senziwa lapho njengoba kwakomiswa uLwandle oluBomvu. Ngokuba, isandla sikaJehova sasiphezu kwaleyondawo encane, ukuyivikela. Wayekwamukele, ogcotshiweyo kaNkulunkulu. Izinceku zikaNkulunkulu zaya ngaleya, ezigcotshiwe, futhi wakukholwa. Ngaphambi kokuba abone izimangaliso, wakukholwa, noma kanjani, futhi wakwamukela.

64 U-Eliya, umprofethi weNkosi, ogcotshiwe. O, yebo, uNkulunkulu wamgcoba ukuba abe ngumprofethi. Wayengumelusi u-Eliya. Angicabangi uJezibele wayeyofuna ukumbiza kanjalo, kodwa wayengumelusi wakhe ngokufanayo nje. UNkulunkulu wamenza umelusi wakhe, ngakhoke wayemzonda. Futhi uNkulunkulu wamtshela, wathi, "Khuphukela entabeni futhi uhlale phansi lapho. Ngiyale amagwababa ukuba akondle. Ngizokunisela ngokuvela emfudlaneni iKeriti." Futhi uhlala phansi lapho.

65 Futhi inkosi yathi, "Hambani niyolanda lolohlanya futhi nilwehlisele lapha." Futhi amabutho, onke ehlome ngomyalo wenkosi, aqala ukwenyuka igquma.

66 Futhi u-Elisha mhlawumbe wasukuma futhi washo into efana nale, "Banumzane abahloniphekile, lena yindawana engcwele. Ngibizwe nguNkulunkulu ukuba ngibe ngumprofethi waKhe. Ungithumile ukuba ngime kulemihlabathi, futhi ngimemezele umlayezo waKhe. Futhi umyalezo enginawo ngani, 'Ningasondeli kulomhlabathi.'" Amen. "Qhelani lapha, nina eningasokile. Anifundanga yini lapho uMose inceku yeNkosi iwele umfula, futhi abangasokile bazama ukumlingisa na? Baminza bonke. Qhelani kulendawo."

67 "O," bathi, "lowowaka omdala! Uphuma kusiphi isikole na? Sizongena, noma kanjani."

68 U-Eliya wathi, "Uma ngiyindoda kaNkulunkulu, umlilo mawehle uvela eZulwini futhi uqinisekise inkonzo yami." Futhi ngalesosikhathi, umlilo wehla futhi washisa amashumi amahlanu.

69 Inkosi kungahle ukuba yathi, "Umbani wabashaya." Ngakho wathumela abanye abangamashumi amahlanu, futhi into efanayo yenzeka. Ukungakholwa.

70 Amadoda ahleka usulu naklolodayo nahlekisa ngeBandla eligcotshiwe likaNkulunkulu ophilayo ayobhubha

ngeliny'ilanga esihogweni. Ngeke beshe imizuzu embalwa kuphela. Kungahle kube isikhathi eside.

71 Ngakho-ke yimihlabathi engcwele. Ogcotshiweyo kaNkulunkulu emi lapho. Akukho okungasokile noma okungcolile okungangena kuleyondawana. Lelo yiqiniso. Uma abalingisi bezama ukuziphatha sengathi bayakwenza, uzothola ukuthi masinyane bazoba yize. Kodwa abazifanisa nabanye yini abayiqinisekisayo na? Ukuthi kukhona okwangempela. Kukhona uNkulunkulu wangempela. Kunabantu abafuna uku. . . Abakukholwa, kodwa bafuna ukwenza sengathi bayakukholwa. Kodwa umuntu owazi uNkulunkulu, ngumuntu ozelwe ngokusha ngoMoya oNgcwele futhi ogcwaliswe ngaMandla kaNkulunkulu, no "ISHO KANJE INKOSI," bese eya phambili. Bayazi ukuthi kukhona okushaye inhliziyo yabo. Bayazi ukuthi baqinisile.

72 Ngakho-ke u-Elisha wayeyindoda kaNkulunkulu, egcotshiwe, ukuthi abazange bakholwe.

73 Buka uDavide ngenkathi ehlezi noNathani umprofethi. UDavide, indoda esenhliziyweni kaNkulunkulu uqobo, futhi wayengogcotshiweyo. UNkulunkulu wamgcoba njengenkosi. UDavide wayengeyona nje inkosi kuphela, kodwa wayengumprofethi. Ngakho-ke uNathani wayengumprofethi omkhulu wesizwe. UDavide waye, kakhulu noma kancane, imbongi nomprofethi, umbhali wamaculo, nomculi. Futhi isiprofetho empeleni, kokwaso kwasekuqaleni, sifana kakhulu ne—neculo, lapho beprofetha.

74 Khona-ke, ngelinye ilanga ngenkathi umprofethi nenkosi wayehlezi ndawonye, UDavide wathi, "Akulungile kimi ukuba ngihlale endlini yemisedari, nomphongolo kaNkulunkulu wami, ngaphansi kwetende."

75 Futhi ngifuna nilalele, amazwi agqamile kaNathani. Wathi, "UDavide. . ." O, ningehluleki ukuthola lokhu manje, ngenani phakathi kwemigqa. "Davide, yenza konke okusenhliziyweni yakho, ngokuba uNkulunkulu unawe." O, he, uma ngicabanga ngalokho! "Davide, yenza konke okusenhliziyweni yakho, ngokuba uNkulunkulu unawe."

"Ukhalelani kiMi na?"

76 UNkulunkulu unawe. Khuluma bese uya phambili. UNkulunkulu ukugcobile. Qhubeka. Unganqikazi, usho *lokhu*, *lokho*, noma *okunye*. "Ngifanele ngikholwe uNkulunkulu na? Ngifanele ngiMethembe ngalokhu na?" Mthembe ngawo wonke umoya owudonsayo.

77 KwakunguJenene u-Stonewall Jackson omkhulu, obengujenene wami engimthandayo kusukela kuJoshua. UStonewall Jackson wabuzwa ngesinye isikhathi, "Ungama kanjani nedlanzana lamadoda, lapho ukuphikisa kukukhulu kakhulu na?"

78 Walithola kanjalo igama lakhe lika "Stonewall." Wayengeke agudluke. Wayengakwazi ukuhlehla. Singayifakazela kanjani indoda enjalo na? Indoda, ngenkathi amaYankee ehlela phansi ngezinkulungwane, futhi wema lapho kwabancane ngesibalo, kodwa abazange bamnyakazise. Wema njengodonga lwetshe. Bonke abebutho lamavukela-mbuso ayesehlehlele emuva! URyans uyafika, wathi, "Yini inkinga ngoJackson na? Kungani engahambi na?" Wathi, "Umi njengodonga lwetshe." Yilapho athola khona igama lakhe.

79 Abanye ojenene bambuza, bathi, "Mnu. Jackson. . ." Omncane, umfo omncanyana, onekhanda elimnyama namehlo aluhlaza-sibhakabhaka, wayecishe abe amafidi amahlanu namayintshi amabili kuphela ubude, ozithobile kakhulu, umfo omncane okhuluma-ngozwelo. Wathi, "Mnu. Jackson, ungama kanjani, ekuphikiseni okungaka na?"

80 Engathi unamahloni, wakhahlela ibhuzu lakhe phansi. Wathi, "Angilokothi ngiphuze amanzi ngaphandle kokuthi ngibonge uNkulunkulu ngawo kuqala."

81 Yilapho okukhona. Akukho ukuhlehla kuNkulunkulu. "Khuluma bese uya phambili." Kunjalo. Lowo ngumyalo kaNkulunkulu eBandleni laKhe. Asinaso isikhathi sokudebesela.

82 Bathi, "Imvuselelo isiphelile." Ayikapheli. Yana phambili. "Sekuyisikhathi sokuthi ipentekoste iqedwe." Akusona. Yisikhathi sepentekoste ukuthi ivuke eGameni likaJesu Kristu futhi iye phambili. Akukho ukuhlehla. Akukho ukuhlala emhlabathini ofanayo. Masihambe noMoya, kungenjalo uMoya uzodlulela komunye umuntu futhi ukushiye umile. WuLandele.

"Yenza konke okusenhliziyweni yakho, ngokuba uNkulunkulu unawe."

83 Ngenkathi uJesu efika: IBhayibheli lathi, uPetru wathi, "NgoSuku lwePhentekoste, uJesu waseNazaretha, uMuntu ofakazelwe nguNkulunkulu phakathi kwenu, (kanjani na?) ngezibonakaliso, izimangaliso, nezimanga, Azenza phakathi kwenu nonke. Kini nonke, qobo lwenu, ungufakazi kulokhu." Wayeyini na? WaYengowenza isibonakaliso, ogcotshiwe. Kwenye indawo Kwathi, "UJesu waseNazaretha, iNdoda efakazelwe nguNkulunkulu phakathi kwenu." Imvume kaNkulunkulu yayiphezu kwaKhe. WaMfakazela kanjani na? Ngezibonakaliso, izimanga.

84 UJesu wathi, "Uma Ngingenzi imisebenzi kaBaba waMi, khona-ke ningaNgikholwa. Kodwa uma Ngenza imisebenzi kaBaba waMi, khona-ke kholwani imisebenzi, uma ningaNgikholwa njengoMuntu." Ngamanye amazwi, Wathi, "Uma ningakholwa ukuthi Ngi—NginguYe, nizobhubha ezonweni zenu. Kodwa uma ningaNgikholwa, okungenani

kholwani imisebenzi eNgiyenzayo." O, Wafakazelwa nguNkulunkulu, ngezibonakaliso.

85 UNikodemu wakuzwakalisa kahle, lapho efika ebusuku. Futhi wathi, "Mfundisi omuhle, siyazi ukuthi Wena ungumfundisi ovela kuNkulunkulu." Amen. Babengekufihle. "Siyazi ukuthi Wena ungumfundisi ovela kuNkulunkulu, ngokuba akukho-muntu ongenza izinto Ozenzayo, imisebenzi Oyenzayo, ngaphandle uNkulunkulu wayenaye." Baqonda ukuthi Wafakazelwa nguNkulunkulu, egcotshwe nguNkulunkulu. Wayeyinceku kaNkulunkulu.

86 Ibandla ladingeka likuqonde, nakuba babeMzonda. Bambiza ngodeveli. Bazama ukuthola zonke izinhlobo zezaba. Kodwa lapho sekufika ekubhekaneni namaqiniso, bakholwa ukuthi WayeNgogcotshiweyo, kodwa bacabanga kakhulu ngesiko labo kunokuba benza ngogcobo lukaNkulunkulu.

87 Abesilisa nabesifazane namuhla bazojoyina inhlaliswano emileyo ethize ebandleni, bajoyine iqembu elithile lezihlakani, ngoba bayathanda ukungena ezigabeni zobuhlakani, lapho bazi ukuthi uMoya kaNkulunkulu unokuPhila futhi uyahamba. UKristu unguye izolo, namuhla, naphakade. Futhi indlela Ayeyiyo ngaleyonkathi, yileyondlela Ayiyo manje, futhi uyoba yiyo kuze kube phakade. Futhi isiThunywa sikaNkulunkulu silapha, uMoya oNgcwele. UkuWenqaba ngukufa, ukuWemukela kungukuPhila. Kufakazelwe! Abantu baWemukela kanjani na?

88 Manje, uMoya oNgcwele unoMlayezo owodwa, "Khuluma iZwi. Yana phambili." Kunjalo. "Ungakhali kiMi. Nanto iZwi. Likhulume futhi uqhubekele phambili," ISHO KANJE INKOSI. Lowo nguMlayezo kaMoya oNgcwele.

89 Manje abantu baqala ukukhononda. Bawa. Asifuni ukukhononda.

90 Yimiphi imisebenzi uJesu ayenza na? Wathi, "Imisebenzi yaMi iyaNgimemezela. Imisebenzi yaMi iyafakaza ukuthi NginguBani. Imisebenzi yaMi iyaNgiqinisekisa."

91 Ngenkathi uNkulunkulu ethume uMose, imisebenzi yayimqinisekisile. Ngenkathi uNkulunkulu ethuma u-Eliya, imisebenzi yamqinisekisa. Lapho uNkulunkulu egcoba indoda, imisebenzi yayo iyamqinisekisa.

92 Ngenkathi uNkulunkulu ethumela uMoya oNgcwele ngalolu izinsuku zokugcina, imisebenzi yaWuqinisekisa. Ukujoyina ibandla, ukujoyina inhlangano, ukwamukela isivumokholo noma imfundiso; uma lowo kunguMoya oNgcwele, khona-ke bekuhlezi kunoMoya oNgcwele kuzo zonke izinhlobo zezinkolo. Kodwa loMoya oNgcwele ufanele ube nguMoya oNgcwele ofanayo Owawusemuva ngoSuku lwePhentekoste, noma Akusiwo lowoMoya oNgcwele ofanayo. Awufanele neze ushintshe. NguMoya ofanayo. Uzofanele uphile phakade.

93 UJesu wathi, "Imisebenzi eNgiyenzayo; okholwa yiMi." UJohane oNgcwele 14:7. "Okholwa yiMi, imisebenzi eNgiyenzayo naye uyakuyenza. Okholwa yiMi!"

94 Akekho ongakholwa ukuthi uJesu Kristu ukuthi uyiNdodana kaNkulunkulu aze amukele uMoya oNgcwele. Uwuthatha kuphela ngokukholwa nokuWemukela. Angeke usho ukuthi Yiwo. Ungasho ukuthi, "Ngiyakholwa ukuthi Yiwo." "Kodwa akekho umuntu ongabiza uJesu ngoKristu kuze kube uMoya oNgcwele ukuye." IBhayibheli lasho njalo. UMoya oNgcwele uzofanele ungene, kuqala, khona-ke Unikeza ubufakazi. Niyazi, qobo lwenu, ukuthi uJesu unguKristu, ngoba Uhlala kini. Khona-ke lowoMoya oNgcwele ofanayo wethula Yena uqobo ngabantu, "Futhi lezizibonakaliso ziyakubalandela abakholwayo."

95 Futhi ibandla liyaWuhleka futhi lihlekisa ngaWo. Siphila kulolosuku nje. I—isimo sendawo sithola ukushajwa ngebhomu le-athomu, lenzela ukwahlulelwa.

96 IBandla lilungiselela uHlwitho. Silindile. Ukulindela, silindile! IBandla lilindele ukuFika kweNkosi.

97 Umhlaba uyazamazama, akwaziwa ukuthi yimuphi ozothola ibhomu kuqala komunye. Asinandaba nokuthi yimuphi ofika lapho. Siyahamba *Lapha*, ngakho-ke akunandaba ukuthi yimuphi ofika lapho. Akuhlangene ngalutho nathi.

98 Siyathokoza nje, siyajabula, futhi sikholwa ukuthi ngeliny'ilanga siyozwa umsindo ovela eZulwini, futhi Uyofika lapha. Futhi iBandla laKhe liyohlwithwa emoyeni, ukuhlangana naYe futhi libe naYe.

99 "Okholwa yiMi, imisebenzi eNgiyenzayo naye uyakuyenza."

100 UPetru wathi, "UJesu waseNazaretha, umprofethi ogcotshiweyo, ogcotshiweyo futhi wafakazelwa nguNkulunkulu phakathi kwenu nonke, okungukuthi nonke, qobo lwenu, niyazi."

101 IBhayibheli lasho, futhi, ukuthi, "UNkulunkulu wamgcoba uJesu Kristu ngoMoya oNgcwele, ukuthi Wahamba enza okuhle, ephulukisa abagulayo." Leso kwakuyisibonakaliso sokuthi Wayeyilokho Ayezisho ukuthi uyikho.

102 Yileyondlela uNkulunkulu aWuthumela ngayo. Yileyondlela ofanele Ufike ngayo ngosuku lokugcina. Futhi uMoya oNgcwele ofika ngezinsuku zokugcina awufanele usidonsele esivumwenikholo, awufanele usidonsele ebandleni. Ungukusidonsela kuNkulunkulu, nezibonakaliso ezingaphezu kwemvelo zungukulandela lowoMoya oNgcwele. Ziyini izibonakaliso zikaMoya oNgcwele na? Uma uJesu waseNazaretha wayeyiNdoda efakazelwe nguNkulunkulu, egcotshwe ngoMoya oNgcwele, asibone ukuthi hlobo luni

loMlayezo Ayenalo. Wenzani na? Wenza kanjani na? Bona isenzo saKhe, khona-ke singazilandela izenzo zaKhe.

103 Sithola ukuthi ngenkathi Eqala ukufika, enkonzweni yaKhe, eneminyaka engamashumi amathathu, ngenkathi Egcotshwe ngoMoya oNgcwele, into yokuqala Ayenza, Wahlangana nendoda egama lingu—nguPetru. Futhi Wayitshela, wathi, "Igama lakho unguSimoni, futhi uyindodana kaJona." Futhi yaMkholwa.

104 Ngani na? UMose wayekhulumile kungakabi yisikhathi sakhe, futhi wathi, "INkosi uNkulunkulu wenu iyakuvusa umProfethi onjengami. Lokho kuzoba isibonakaliso. Niyokwazi. Uyoba nguNkulunkulu-Mprofethi. LowoMesiya uyoba yikho kokubili uNkulunkulu nomProfethi, futhi Uyokwenza isibonakaliso soMprofethi lapho Enza."

105 NjengamaJuda namuhla. ULewi Pethrus wathumela amaBhayibheli angaphezu kwesigidi kulawo maJuda, amaTestamente aLisha, avela ezansi kwezinye izingxenye zezwe, futhi engakaze ezwe ngoJesu. Ayekade esezansi lapho iminyaka engamakhulu angamashumi amabili nanhlanu. Aqala ukufunda leloTestamente eLisha. Futhi athi, "Uma lona kunguMesiya, siyazi ukuthi uMesiya uzoba nguNkulunkulu-Mprofethi. Uma lona kunguMesiya, futhi Akafile, kodwa Uyaphila futhi, asiMbone enza isibonakaliso somProfethi. SizoMkholwa, ngokuba u—uMesiya wethu unguNkulunkulu-Mprofethi."

106 UJesu wathi, ngenkathi Ehlangana noPetru, Wathi, "Igama lakho unguSimoni. Futhi igama likayihlo nguJona." Futhi uPetru wawa ngasezinyaweni zaKhe. Wayazi ukuthi lowo kwakunguye Akhuluma ngaye. Ngokuqondile basuka bahamba, balandela . . . UFiliphu wahambela uNathanayeli, futhi wamtshela lokho ayekutholile.

107 Futhi ngenkathi uNathanayeli ekhuphuka phambi kwaKhe, Wathi, "Nango umIsrayeli okungekho-nkohliso kuye."

Wathi, "Rabi, Ungaze nini na?"

108 Wathi, "Ungakabizwa nguFiliphu, lapho ungaphansi komuthi, Ngakubona."

109 Wathi, "Wena uyiNdodana kaNkulunkulu. UyiNkosi ka-Israyeli." Babazi ukuthi Wayengubani lowo.

Lowo mSamariya, ngenkathi ethi . . .

110 Ngenkathi Ethi, "Ngiphuzise." Lowo wesifazane, isizwe saseSamariya. Wathi, "O, i . . . " Wathi, "Ngiphuzise."

111 Wathi, "Akusilo isiko lokuthi wena Sa- . . . nina maJuda ukuba nicele amaSamariya izinto ezinjalo. Ngingowesifazane waseSamariya."

112 Wathi, "Kodwa ukuba bewazi ukuthi ubukhuluma noBani, ubuzocela kiMi amanzi. Bengiyokunika amanzi ukuze ungeke uze lapha uzowakha."

113 Ingxoxo yaqhubeka isikhashana, waze Wabona ukuthi izinkathazo zakhe yayikuphi. Wathi, "Hamba ulande indoda yakho futhi uze lapha."

Wathi, "Anginandoda."

114 Wathi, "Kunjalo. Ubunayisihlanu, nale ohlala nayo manje ayisiyo indoda yakho. Usho kahle."

115 Wathi, "Mnumzane!" O, mfowethu, ngokushesha uMoya kaNkulunkulu kulowo wesifazane! "Mnumzane, ngiyabona ukuthi Ungumprofethi. Siyazi ukuthi uMesiya uyeza, futhi, lapho Efika, Uyositshela lezizinto. Kodwa UnguBani Wena na?"

Wathi, "NginguYe."

116 Wawisa leyombiza yamanzi futhi wasuka wahamba. Wathola amanzi eMthonjeni owawuphuphuma emphefumulweni wakhe. Wagijimela emzini wayesethi, "Wozani, nibone uMuntu Ongitshele izinto engizenzile. Akuyena kanye uMesiya lowo na?"

117 KwakunguYe lowo, izolo. NguYe, namuhla. Lokho kuyafana naphakade. "UJesu Kristu unguye izolo, namuhla, naphakade." Kungani silibala na? Kungani simangala na? Siyamangala ukuthi ngabe uNkulunkulu uzosiphilisa noma qha? SiMbonile ephulukisa izinkulungwane, izimpumputhe, abagulayo, izinyonga, izishosha. Labo abafile, futhi kwamenyezelwa ukuthi bafile, bayavuka futhi, ngaphansi kwamandla omkhuleko wokukholwa. UMoya oNgcwele uyembula, futhi amakhulu ayaphulukiswa, amehlo aphuphuthekile, izindlebe ezingezwa. Izwe lizama ukukuziba. Bazama ukukuthintitha kusuke, kodwa angeke bakwenze. Kubuyela emuva ngqo. Kuphambi kwabo. Ungeke waMthintitha asuke ezandleni zakho.

118 Ngenkathi iPentekoste liqala livumbuka, eminyakeni engamashumi amane edlule, bathi, "Angeke kuhlale. Yisigejane sabagingqiki abangcwele." Ekugcineni? Yibandla elikhula ngokushesha kunawo onke ezweni. Ngonyaka odlule likhiqize abaphendukile abayisigidi nezinkulungwane ezingamakhulu amahlanu, okungaphezu kwawo wonke amanye amabandla ehlanganiswe ndawonye. Isigidi nezinkulungwane ezingamakhulu amahlanu, ngonyaka odlule. Nakho lapho okhona. Akusikho ukulanguka. Ku—akusikho ukuvuthisa phansi. Ngukuvuthisa, phezulu. Yebo.

119 Bathi, "Bayahlanya." Bazama ukunyakazisa abantu basuke kubo. Bazama ukuthatha abantu, "Basuke kuleloqembu. Ungazilulazi nabo. Akukho lutho kukho. Sukani kuLo."

120 Kuyafana nje, "Uma Ngiphakanyiswa, Ngiyodonsela bonke abantu kiMi." Lapho isibonakaliso esisodwa esikhulu sivela,

sombhaphathizo kaMoya oNgcwele, bakhuluma ngezilimi, futhi basikholwa. Amakhulu namakhulu amaningi athululeka kuso. Khona-ke kufika endaweni, bazama ukunyakazisa lokho kusuke, uNkulunkulu wakuphushela phakathi ngqo futhi unikeza izincazelo phezu kwaso. Khona-ke lapho nje sebeqedile ngalokho, uNkulunkulu wathumela isiprofetho emva kwalokho.

121 Wathi, "Uma ekhona oyedwa phakathi kwenu, ongafundile, futhi omunye ukhuluma ngezilimi. Kodwa uma ekhona oyedwa oprofethayo futhi asho izimfihlakalo zenhliziyo, khona-ke bonke bazowela phansi bese bethi, 'UNkulunkulu ngempela unani.'" Kuyini na? Naso lesosibonakaliso sikaMesiya futhi singena. Yebo, mnumzane. Uma oyedwa embula imfihlo yenhliziyo, ibandla lonke lizothi, "Ngempela uNkulunkulu unani." Isibonakaliso sikaMesiya, yilokho okuyoba yikho. Siyakubona lokho. Kakhulu lapho bezama ukunyakazisa, kuningi uNkulunkulu azokwenza.

122 Futhi ngolunye usuku Uzokhathala ukubanyakazisa. Uzokhathala ukuphusha leloBandla lizungeze. Futhi lapho Enza, Uzothola okwanele, futhi Uzophendula umucu owodwa wokwahlulela. Futhi Uzokwelulela phansi isandla saphakade futhi acoshe iBandla laKhe. Liyondiza lihambe, o, udumo, lindize lihambe ekuseni. O, he! Ngilangazelela ukuba lapho. Ngiyobakhona. Ngalokho kusa lapho Lithatha amaphiko okusa futhi lindize lingene ezingalweni zeSithandwa salo, o, usuku olunje okuyoba yilo!

123 Namuhla, siyaphila. Kungani sikhathazeka na? Kungani umangala na? Kungani ulinda na? Khuluma futhi uye phambili. Ungakhali, uthi, "O Nkosi, ingabe kuyintando yaKho ukuphulukisa, namuhla na?"

124 "Impela, kuyintando yaKho." ISHO KANJE INKOSI, kuyintando yaKhe.

125 "Ngingawemukela uMoya oNgcwele namuhla na? Ingabe izinsuku zezimangaliso sezidlulile na?" Impela izinsuku zezimangaliso lulapha, kuze kube phakade. UMoya oNgcwele ulapha.

"Ngabe abantu bakhuluma ngezilimi namuhla na?" IBhayibheli lasho njalo.

"Lezizibonakaliso ziyakubalandela abakholwayo."

126 "Ingabe abantu bahumusha-badla umlayezo na?" IBhayibheli lathi bayakwenza. Lokho kuyakuxazulula.

127 ISHO KANJE INKOSI, khuluma. Ungakhali. Khuluma bese uya phambili. UNkulunkulu akafuni sigejane sezingane ezikhalayo. Ufuna amadoda anomgogodla. Hhayi amathambo ayimfologo, "Ngifisa sengathi ngabe benginaKho. Ngifisa sengathi bengingenza *lokhu*." Umgogodla oyoma esikhaleni, amen, usho ukunqoba, usho ukuthi babizelwe ngaphandle,

maphakathi nobumnyama. Akunandaba ukuthi noma ubani uthini, siyakhuluma futhi siye phambili.

128 Kholwa uMlayezo. UNkulunkulu ulapha. Uzoqinisekisa uMlayezo waKhe. UNkulunkulu ulapha. UnguNkulunkulu ofanayo Ayenguye emuva ngaleya eGalile. UnguNkulunkulu ofanayo Ayenguye ngezinsuku zikaMose. Angeke ehluleke. Niyakukholwa na? UMoya oNgcwele usufikile, izibonakaliso zikaMoya oNgcwele.

129 UJesu wathi, "Uma Ngingenzi imisebenzi kaBaba waMi, khona-ke ningaNgikholwa. Kodwa uma Ngenza imisebenzi kaBaba waMi, khona-ke niNgikholwe."

130 Ngenkathi Etshela owesifazane emthonjeni, into ethize eyayingalungile ngaye, wathi, "Lowo nguMesiya."

131 Wathi, "Okholwa yiMi, imisebenzi eNgiyenzayo naye uyakuyenza. Nemingingi kunalona uyakuyenza, ngokuba Ngiya kuBaba." Manje, iKing James ino "mkhulu." Uma uthatha eyasekuqaleni, ayisho ukuthi "omkhulu." Kwakungenziwa kanjani okukhulu na? Wamisa imvelo. Waphulukisa abagulayo. Wavusa abafileyo. Wahlambulula abanochoko. O, Wenze konke. Kodwa Wathi, "*Eminingi* yakho niyoyenza. Ngokuba Angeke ngibe nani kuphela, kodwa Ngiyoba kini, kuze kube sekupheleni kwezwe." Niyakukholwa na?

Asikhuleke.

132 Nkosi Jesu, izwi elilodwa nje elivela kuWe liyosho okungaphezu kwalokho bonke abashumayeli emhlabeni abebengakukhuluma. Izwi elilodwa nje, Nkosi, khuluma. "Ungakhali. Khuluma! Yana phambili."

133 NgiyaKubona ngelinye ilanga wehla entabeni. Wawulambile. Wabuka phezulu esihlahleni. Wawulindele ukuthola amakhiwane lapho, futhi ayengekho amakhiwane. Futhi Wabuka kulesosihlahla wase uthi, "Awusoze wathela amakhiwane." Futhi Wasuka wahamba.

134 Futhi ngosuku olulandelayo, cishe emini, lapho bedlula, isihlahla sase siqale ukubuna. Futhi omunye wabaphostoli ogama linguPetru, wathi, "Bheka isihlahla, sibuna ngokushesha kanjani, selokhu Usiqalekisile."

135 Wathi, "Ngiqinisile, Ngithi kini, uma *wena*, uma uyakuthi kulentaba, 'Nqukuleka futhi uphonseke olwandle,' futhi ungangabazi enhliziyweni yakho, kodwa ukholwe ukuthi lokho okushilo kuzokwenzeka, ungaba nakho okushilo."

136 O Nkulunkulu, isithembiso esinje pho! Kwavela kubani na? UMdali wamazulu nomhlaba. "Wayesezweni, futhi izwe lenziwa nguYe, futhi izwe alimazanga Yena."

137 SiyaKubonga, Nkosi, ngalesisethembiso, "Okholwa yiMi, imisebenzi eNgiyenzayo naye uyakuyenza."

138 Manje, Baba, ku. . . Ukulandela loMlayezo, uma Uzokhuluma nje, kulobubusuku, into ethize emgqeni wokungaphezu kwemvelo.

139 Ukuthi, mhlasimpe mhlawumbe othile lapha ongakaze abe nombono wokuthi Usaphila ngaleyondlela, ukuthi bayakholwa mhlawumbe ukuthi Uvukile, ukuthi, "Endaweni ethile eZweni elikude elibizwa ngokuthi iZulu, ukuthi Uhlala lapho futhi uyalele yonke indawo, ukuba thina sibe nezivumokholo zethu nokunye nokunye." Kuwubuwula kanjani ukuba umuntu amukele lokho, ngoba kuphela abazange bafundiswe iBhayibheli.

140 Wena wathi, "Ngizoba nani kuze kube sekupheleni kwezwe. Ngizoba kini, futhi yona impela imisebenzi eNgiyenzayo nani niyoyenza. AkuMina owenza imisebenzi, kodwa nguBaba ohlezi kiMi." Wathi kubafundi, "Ningacabangi ukuthi niyothini. Akusinina okhulumayo. NguMoya ongaphakathi kini, okhulumayo." O, siKubonga kanjani, Nkulunkulu oNgcwele Kakhulu, ngalezizithembiso! Ngijabule kakhulu ukukwazi!

141 Inhliziyo yami iyaxhuxhuma, ukwazi ukuthi khona lapha, mina sengivele ngineminyaka engamashumi amahlanu ubudala, futhi ngihlala lapha emathunzini esikhathi. Ngesikhathi sakusihlwa sempilo yami, nokubona isikhathi sakusihlwa somlando wezwe, eduze nokuFika kweNkosi uJesu, nokwazi leliQiniso elikhulu elihlezi esifubeni sami. Livutha njengomlilo. Kuyinjabulo engakhulumeki negcwele inkazimulo. Kukhona intshiseko lapho ememezayo, ukudazulukela izwe, "O, Memukele, ukuphumbuka sekuleyithi kakhulu."

142 Siphe, Nkosi, ukuthi, kulobubusuku, ukuthi isibonelo esiphelele uKristu asinika sona, sizobuyela kithi kulobubusuku emandleni okuvuka kwaKhe. Siphe khona, Nkosi, ngenxa yenkazimulo kaNkulunkulu. Sikucela eGameni likaJesu. Amen.

> Ng'yaMthanda, ng'yaMthanda
> Ngoba Wangithanda kuqala
> Wang'thengel'insindiso
> Emthini waseKalvari.
>
> Ngi . . .

Manje ngenani emoyeni wokukhonza.

> . . . ng'yaMthanda
> Ngoba Wangithanda kuqala
> Wang'thengel'insindiso
> Emthini waseKalvari.

[UMfowethu Branham uhamisha elithi *Ng'yaMthanda*—Umhl.]

143 Nkosi, O Nkosi, woza manje. SiyaKukholwa. Futhi sicela Wena ukuba usigcobe, gcoba inceku yaKho, Nkosi. Thatha amehlo ami nezindebe zami, ingqondo yami—yami, ubuhlakani

bami—bami, busebenzisele inkazimulo yaKho. Khuluma ngenceku yaKho, Nkosi. Yizwa ngezindlebe zebandla. Nika udumo. Thola udumo eGameni laKho, Nkosi. Kwangathi kungebebikho-muntu obuthakathaka phakathi kwethu, lapho lenkonzo isiphelile.

144 Manje, ngikhulumile, Nkosi, kubantu. Manje, Wena khuluma futhi sizoya phambili, ukuKukholwa, ukuthi Ulapha kanye nathi. "Ningesabi mhlambi omncane, kuyintando enhle kaYihlo ukuninika uMbuso." Siyakukholwa lokho, Baba. Manje, thatha inkonzo, Nkosi. Yilapha engingaya khona. Kuzothatha Wena, kusuka lapha kuqhubeke, Nkosi. EGameni likaJesu Kristu, ngisize. Amen.

145 [Akuqoshwanga eteyipini. UMfowethu uJackson uyaprofetha—Umhl.] Amen.

146 Manje, lokho kubizwa ngokuthi umoya wokuprofetha, wehlela phezu kwabehlukene. Niyabo? Manje, Wenza i "sithembiso," Wasinika isithembiso, lokho kusho ukuthi Ulapha. Niyabo? Manje, uJunie ungumfo omncane onamahloni. Lokho akufani naye ukukhuluma kanjalo, kodwa, uma ugcobo lubamba, niyabo, kuyinto ehlukile ngaleyonkathi. Kunjalo. Kungukuthi, ngesinye isikhathi, uMoya kaNkulunkulu usika njengenkemba esika nhlangothi zombili, niyabo, futhi Wenza izinto. Manje, siyabonga kuNkulunkulu, ukubona lezi into.

147 Manje, ngikholwa ukuthi uJunie noBilly bebehlezi lapha esikhashaneni esedlule. Ngabe kunjalo na?. . .uku, noma, yebo, ukunikezela amakhadi omkhuleko noma okuthize. Wathi, "Kufike abanye abantu." Futhi besilindele abambalwa abengeziwe, mhlawumbe abavela ngaphandle nokunye nokunye, kodwa bathe bekungekho abaningi kakhulu. Ngakho-ke sizoshayisa umugqa lokho esinakho, mhlawumbe, ngesikhathi esisodwa.

148 Sizoqala enombolweni yokuqala, futhi sibashayise umugqa bonke abantu, futhi sibakhulekele ngamunye wabo. Ngakho-ke sizobona uma iNkosi izosambulela noma yini, emgqeni womkhuleko. Sizoqala enombolweni yokuqala, sishayise iqembu umugqa. Ubani onekhadi lokuqala na? Ubungeza nje? [Akuqoshwanga eteyipini—Umhl.]

> UJesu onozwelo,
> Ukhuluma inhliziyo eyethileyo ukuze yename,
> O, yizwani iPhimbo likaJesu.
>
> Nothi elimnandi kunawo onke eculweni lamaserafi,
> Gama elimnandi kunawo onke olwimini lwabantu,
> Ihubo lokuthokoza elimnandi kunawo onke asake aculwa,
> Jesu, Jesu obusisiweyo.

149 Bengibuka emugqeni. Angiqinisekile, angicabangi ukuthi kukhona noma ubani lapho . . .

150 Le ntombazane emi khona *lapha*, ikhulume nami kulokhu ukusa, futhi yangitshela ukuthi ibilapha ivela ndawondawo, ukuthi ibi—ibikade iphulukisiwe kanye emihlanganweni, kodwa ayikaze isho lutho ngayo uqobo. Ithe nje yayiphulukisiwe kanye emihlanganweni. Ngikholwa ukuthi bekunjalo.

151 Futhi umfo osemva kwayo, angikholwa ukuthi kukhona engimaziyo walabo. Noma, lelinenekazi, angazi.

152 Ngiyamazi uDadewethu uFunk. Lona *lapha*, yilowo engimaziyo, khona lapha. Uyena kuphela engimaziyo phakathi lapho, kuze kube manje.

153 Manje, uma noma ubani eza emgqeni, futhi uma ngibazi, awu, ngeke ngizame ukusho noma yini, niyazi, ngaphezu komkhuleko. Ngoba nizocabanga ukuthi labobantu bebekushilo kimi.

154 Kodwa, manje, asazi ukuthi uMoya oNgcwele uzosho noma yini. Angahle angakwenzi. Kodwa nakhu okuphelele, phelele . . .

155 Mfowethu, manje, kukhona into eyodwa, ukusho okuthize; enye into, ukukubona kufakazelwe. IBhayibheli lathi, "Fakazela konke," (u, l ababili) "zonke izinto." Khona-ke, "Bambisisa kulokho okuhle."

156 Manje, uma uJesu Kristu enguye izolo, namuhla, naphakade, Akaguquki, khona-ke Uzofanele enze eBandleni laKhe, ekhona manje. Bangaki owaziyo ukuthi uKristu unguMoya kaNkulunkulu na? Sonke siyakwazi lokho. UNgogcotshiweyo. UJesu wayengogcotshiwe.

157 Yilapho abantu, abakholwa ukuthi kukhona onkulunkulu abathathu noma abane abehlukene, bathola konke kuxovekile. Niyabo?

158 UNkulunkulu unguMoya. UJesu wayengumzimba uMoya kaNkulunkulu owawuhlala kuwo; waMenza u-Emanuweli, uNkulunkulu etabernakele emhlabeni. WayenguNkulunkulu. UJesu Kristu wayenguNkulunkulu, nokho WayeyiNdodana kaNkulunkulu. Inyama yaKhe yayiyiNdodana kaNkulunkulu, ngoba uNkulunkulu wayidala, kodwa, ngaphakathi, WayenguNkulunkulu. "AkuMina," kwasho uJesu, "owenza imisebenzi. NguBaba waMi ohlala kiMi." "Futhi ngalolosuku, niyokwazi ukuthi Mina ngikuBaba, uBaba ukiMi; Mina kini, nani kiMi." Nakho lapho okhona.

159 Manje, ngikholwa ukuthi lelinenekazi linjalo . . . Angilazi. Angicabangi ukuthi ngiyalazi. Uma bengilazi, angi—ngi—ngikwazi wena manje. Sengi—sengikukhohliwe. Ngicabanga ukuthi kunjalo. Yebo. Kunjalo.

160 Futhi lelonenekazi *lapho*, angikholwa ukuthi ngiyalazi; *leli* nenekazi, noma *lelo*. Angikholwa ukuthi ukhona engimaziyo ngaphandle kukaDadewethu Funk. Uma lokho kuthi akube njalo, phakamisa izandla zakho. Uma ngi . . . Kunjalo. Kulungile, mnumzane.

161 Bangaki phandle lapho abaziyo ukuthi angikwazi, futhi nokho uyagula na? Phakamisa isandla sakho, uthi, “Ngi—ngingawuthanda umkhuleko. Ngi . . . ” Futhi uyakholwa ukuthi uMoya oNgcwele ungakuthinta, ukwenzele okuthize, khona-ke phakamisa isandla sakho, uthi, “Ngi—ngi—ngidinga umkhuleko.” Phakamisa isandla sakho. UNkulunkulu akubusise. Abantu ababili *lapho*. Inenekazi *lapha*. Kulungile. Abanye, inenekazi emuva *lapho*. Manje, awudingi ukuba phezulu lapha.

162 Kwakukhona owesifazane ngesinye isikhathi owathinta ingubo yaKhe. Futhi Waphenduka, wathi, “Ubani oNgithintile na?”

Futhi, ngani, bathi, “Bonke uyaKuthinta.”

163 Wathi, “Kodwa Ngiye ngaba buthakathaka. Amandla aphumile kiMi.” Washo, “Ngibe buthakathaka. Amandla . . . Ngiyabona ukuthi amandla okuqina aphumile kiMi.” Futhi Waqalaza waze Wathola owesifazane, futhi wamtshela ngomopho wakhe.

164 Futhi wathi, “Sewunqamukile.” Ngabe kunjalo na? Umopho wawusunqamukile, ngoba wayekholwe nguJesu Kristu. Kuhle kanjani! Lokho i . . .

165 Futhi uJesu Kristu ungumPristi oMkhulu, kulobubusuku, ongathintwa nokuzwelana kobuthakathaka bethu. Mthinte nje. Kukholwe. Bangaki abangangazi, futhi nokho niyazi ukuthi angazi ukuthi yini engalungile ngawe, kodwa ufuna ukuthi uNkulunkulu akuphilise na? Phakamisa isandla sakho. E-hhe. Yilokho-ke.

166 Manje buka nje ngapha, futhi ukholwe. Yiba nokukholwa. Manje, iBhayibheli lisho ukuthi uJesu usenguye, lisho ukuthi imisebenzi Ayenzayo izokwenziwa yilabo abakholelwa kuYe, ikakhulukazi ezinsukwini zokugcina. Niyakholwa ukuthi siphila ezinsukwini zokugcina na?

167 Manje, khumbulani. Izibonakaliso zikaNkulunkulu, kohlakaniphileyo, siwubuwula. Kuthatha okomoya ukuKwembula, njengezingane nje.

168 Manje, umprofethi wathi, “Kuzofika usuku . . . ” Manje, lokho kwakucishe kube yiminyaka engamakhulu angamashumi amabili nanhlanu edlule. “Kuyofika isikhathi lapho okungeke kube ubusuku noma usuku. Kuyoba usuku oluhwaqabele. Kodwa ngesikhathi sokuhlwa, ilanga liyophuma, kuyoba

ngukuKhanya." Bangaki abake basifunda lesosiprofetho na? Impela. "Ukukhanya!"

169 Manje kusho ukuthini na? Ilanga, ngokomumo wendawo, liphuma eMpumalanga futhi lishona eNtshonalanga. Futhi noma ubani owazi umlando, uyazi ukuthi impucuko ihambile isuka eMpumalanga yaya eNtshonalanga. IChina iyimpucuko endala kunazo zonke esinayo. Kulungile. Ukusuka eMpumalanga kuye eNtshonalanga, impucuko ihambile. Manje, iMpumalanga neNtshonalanga sekuhlangene. Siwumhlaba ophucuzeke kakhulu, kuyacatshangwa. Abantu abaphucuzeke kakhulu base. . . lababantu baseNtshonalanga. Bayisimodeni kakhulu. Banazo zonke izinto zesimodeni, nokunye nokunye, ngoba impucuko isithuthukile njengoba iya ngasentshonalanga.

170 Manje, yini eyehlela kubantu baseMpumalanga na? UJesu Kristu wafika kubantu baseMpumalanga, futhi uMoya oNgcwele wafika ngoSuku lwePhentekoste. Kukhombisa izibonakaliso ezinkulu nezimanga, khona-ke Uhambile.

171 Futhi kufika isikhathi, cishe emva kweminyaka engama 200 emva kokufa kukaKristu, cishe okomzuliswano wesibili wabaphostoli, khona-ke bafika kolwama 300, usuku ngokwe Pre-Nicene Fathers, umlando womlando ongcwele webandla, ukuthi lapho babumba okwakubizwa ngo—ngobaba basekuqaleni. Futhi babumba okwaziwa namuhla njengebandla lamaRoma aKatolika eRoma. Ngakho-ke, benza inhlangano yabo yokuqala. Futhi iRoma, lapho ibandla eliKatolika lithi lingu "mama" bandla, lona ngokoqobo lingunina wamabandla enhlangano. Yibandla lokuqala elake lahlelwa.

172 Iminyaka engamakhulu amahlanu, kwangena ebandleni eliKatolika, kwaze kwaba nguMartin Luther. Wabhikishela ibandla eliKatolika, ngokwenqaba ukubiza isidlo ngomzimba kaKristu wangempela, futhi walibhikishela, futhi waphonsa isidlo kwiphansi. Futhi wanikwa ukuzihlawulisa, ukuba agaqazele ngamadolo akhe, futhi wenqaba ukwenza lokho. Futhi wabumba lokho esikwazi ngokuthi yibandla lamaLuthela. Babenesishicileli, iphepha nokunye nokunye.

173 Khona-ke bakuhlela futhi benza inhlangano efana nenhlangano yebandla eliKatolika. Lokho kwaqhubeka amakhulu amaningana eminyaka.

174 Kwafika uZwingli. Emva kukaZwingli. . . Yena—yena wayewuhlobo lo—lolahliwe. Wakholwa ukuthi, "UJesu wayeyiNdodana kaNkulunkulu, kangangokuthi Wa 'bizwa' ngeNdodana kaNkulunkulu; kodwa, 'indodana kaJosefa,' futhi Akazalwanga ngokobuNkulunkulu." Manje, a—abantu baseSwitzerland babambelele emfundisweni kaZwingli.

Kuphuma uCalvin lapho. Kwaphuma uCalvin.

175 Futhi kuCalvin kwaphuma abanye, saze sathola uJohn Wesley. Wavuka ngezinsuku zebandla likaCalvin laseNgilandi, okwakungabantu baseSheshi, ama-Anglo-Saxon.

176 Kulokho kwaphuma iqembu lobungcwele, elibizwa ngeMethodisti. Futhi ngenkathi benza, babumba ibandla elibizwa ngokuthi yibandla leMethodisti. Okuphuma ebandleni leMethodisti, kwaphuma kulokho, omunye komunye. Khona-ke kwafika iPresbyterian, futhi ukusuka kwiPresbyterian kwaphuma i—iBaptisti, neBaptisti kwi . . . elinye kwelinye, futhi kuqhubeke kwehle, kuqhubeke kwehle, kuqhubeke kwehle.

177 Kwaze kwathi, ibandla lokugcina ukuba libunjwe yiPentecostal. Futhi isibusiso sepentekoste esiza ngesimo sikaMoya oNgcwele, basihlela. Kunjalo impela.

178 UNkulunkulu akazange alihlele ibandla, futhi angikholwa ukuthi wake wayivumela inhlangano. IBhayibheli likhuluma ngokumelene nayo, futhi lisho, ukuthi, "Isifebe," ibandla lamaRoma, "lizoshiswa nabantwana balo." Lokho kuyiqiniso impela.

179 Kodwa okuphuma lapho, "Kufika usuku," ukuthi umprofethi wathi, "olwalungesibo ubusuku noma imini; oluhwaqabele."

180 BabenokuKhanya okwanele, babengathi, "Awu, siyaqophisana. SingamaBaptisti. SingamaLuthela. Siwu *kuthi-nokuthi*. Siyi *lokho,"* ngenxa yezinhlangano, amaqiniso amancane abawathola eBhayibhelini.

181 ULuther wahlela phezu kokuthi, "Olungileyo uyakuphila ngokukholwa." UJohn Wesley wahlela, "Ukungcweliswa, umsebenzi wesibili oqinisekile womusa." IPentekoste yahlela ekutheni, "Khuluma ngezilimi, njengobufakazi bukaMoya oNgcwele." Zonke lezozinto ziyiqiniso. Lokho ngukuKhanya, kodwa hhayi konke okwaKho. Futhi uma udweba isivumokholo, ufanele uhlale nalokho. Awukwazi ukunyakaza. Ngakho-ke, uMoya oNgcwele uyaphuma futhi uya kwenye indawo, khona-ke bayakuhlela. Manje, lowo ngumlando ongcwele impela.

Kodwa manje sekufike isikhathi, "IziNkanyiso zakusihlwa sezifikile."

182 Impucuko isifikile, futhi manje ilanga selishonile phezu kwempucuko. Isiphetho sesilapha. Ukuphela kwezwe kulapha. Ukuphela kwesikhathi kulapha. Ukuphela kwebandla kulapha. Zonke izinto sezifike ekugcineni. Futhi njengoba ilanga lishona . . . Ilanga elifanayo eliphuma eMpumalanga, lishona eNtshonalanga.

183 UNkulunkulu wathembisa, "Kuyakuba ngukuKhanya ngesikhathi sokuhlwa," ngomprofethi. INdodana efanayo eyavuka futhi yabonisa uMoya oNgcwele ngoJesu Kristu, emuva ezinsukwini zasekuqaleni, kumkhathizwe waseMpumalanga,

inokukhanya kumkhathizwe waseNtshonalanga, ngosuku lokugcina, kukhombisa izibonakaliso ezifanayo uJesu aprofetha ukuthi ziyobakhona. Nje kuyi . . . YimiBhalo, mngane. Kodwa, wena, kukuwe, ukuthi ucabangani ngaKho, uyabo.

184 Nangu owesifazane. Hamba ngalendlela, dadewethu, uma nje uthanda. Ngokwazi kwami, angikaze ngimbone owesifazane. Angimazi. Ungowesifazane nje, owenyukele lapha. Angase abe yilungu lalelibandla. Angahle abe yilunga letabernakele, ngakho konke engikwaziyo. Angazi. Owesifazane nje, uma ngake ngambona ngaphambi kwanamuhla, angazi. Angazi.

185 Kodwa uNkulunkulu uyamazi owesifazane. Awu, manje, uma uJesu enguye izolo, namuhla, naphakade, khona-ke ulapha ngesizathu esithize. Angazi ukuthi kuyini.

186 Kuthiwani uma lokhu kufana no—nowesifazane emthonjeni na? Akumele kube uhlobo olufanayo lodaba, kodwa kungaba nje owesilisa nowesifazane behlangana ngendlela efanayo. Mhlawumbe owesifazane ungumgxeki. Mhlawumbe ungumKristu. Mhlawumbe uphezulu lapha esola nje, ukuzama ukuthola okuthize. Mhlawumbe uphezulu lapha ngoba uyagula. Mhlawumbe uphezulu lapha, umele omunye umuntu. Angazi. Yiqiniso lelo. Angeke nginitshele, kodwa uNkulunkulu uyazi. Khona-ke wena uthi . . .

187 Ake sithi uyagula, ngoba yinkonzo yokuphulukisa. Mhlawumpe uyagula; kungahle kungabi njalo. Kodwa uma egula, futhi umi lapha ukuba akhulekelwe, uNkulunkulu uyazi angazi lutho ngakho. Awu, khona-ke, uma ngingamazi owesifazane, angazi lutho ngaye, futhi khona-ke ufuna uJesu, ukuze aphulukiswe, ngizomtshela lokhu, ukuthi, "Ngemivimbo yaKhe waphiliswa."

188 Manje, ukuphulukiswa kufana nje nensindiso. Awuyitholi insindiso kulobubusuku. Ngenkathi uJesu efa, Wakhokhela isono sakho. Uyakwemukela nje. Niyabo? Ngenkathi Efa, Wasusa izono zezwe. Ngenkathi Efa, Waphulukisa wonke umuntu ogulayo. Isikweletu esiphelele sakhokhwa.

189 Manje, ukuba-ke uJesu ubelapha kulobubusuku esimweni somuntu, njengoba Wayenjalo ngenkathi Ehamba eGalile na? Ukuba-ke Ubefake lesudi futhi emi lapha, futhi owesifazane ubemi eduze kangako eNkosini yethu na? Okunje—okunje . . . Impela bengingathanda ukuma kanjalo, kuYe. Ukuba-ke owesifazane ubemi lapho, futhi Yena ubemi lapha na? Futhi Ubeyothi kuye, "Sifazane, kholwa ukuthi NginguYe na? Uma ungakholwa, uyakubhubha."

Ubezothi, "Ya, Nkosi. Ngiyakholwa ukuthi UnguYe."

"Awu, ufunani na?"

"Ngifuna ukuphulukiswa, Nkosi."

190 "Mntanami, ungekukholwe yini ukuthi Ngakwenza lokho ngenkathi Ngifa emuva ngaleya, ngenkathi Ngathi kwase kufeziwe na? Awubhalwanga yini umBhalo, owasho ukuthi Ngalinyazwa ngenxa yeziphambeko zenu; ngemivimbo yaMi naphulukiswa na?" Yilokho-ke.

191 Awu, manje, ubeyozibuza, "Angazi noma leyo yiNkosi na? Ukuthi Yona . . . Noma ubani ubengakusho lokho. Noma yimuphi umuntu ubengakushumayela lokho, ngoba kuseBhayibhelini. Kodwa uma lowo kunguYe ngempela, Ubeyoyazi inhliziyo yami, ngoba Wayazi inhliziyo yowesifazane emthonjeni. Futhi Wethembisa leyonto efanayo."

192 Manje, aKazange athi Uyobuya esimweni somzimba futhi akwenze, kodwa Uyothumela uMoya oNgcwele oyohlala kithi, ukuthi lowoMoya oNgcwele uyobona izimfihlo zezinhliziyo. "Ngokuba Uzonikhombisa izinto ezizayo, ambule izimfihlo zezinhliziyo." Ngabe yiqiniso lelo na? Wakwethembisa.Khona-ke uma Enguye . . .

193 Futhi ngi—ngisho lokhu, ukuthi ngikholwa ukuthi loMoya omkhulu ophakathi kwethu nguMoya oNgcwele. Ngiyakholwa ukuthi Wangibizela lenhloso. Akungenzi ngibe ngaphezu kwendoda esindiswe kulokhu ukusa; inceku yakho nje, umfowenu. Kungenza ngibe ngaphansi kunani, ngoba ngithunyiwe ukunisebenzela. Ngiyisisebenzi somphakathi.

194 Umsebenzi womphakathi, ngumfundisi; ukuba asebenzele umphakathi, ukuba yisisulu, ukuthatha lokhu kungqongqothwa nokuxokozela komphakathi. Noma ngabe kuyini, yima lapho. Futhi uma ungenawo umusa owanele wokumamatheka futhi ukuthathe, khona-ke ufanele ubuyele eKalvari futhi uqinisekise kabusha umyalo wakho. Yilokho ofanele ukwenze.

195 Manje, kodwa uma uKristu elapha, khona-ke makukhulume uKristu. Angimazi owesifazane. UNkulunkulu uyazi. Angimazi owesifazane. Angazi lutho ngaye. Kodwa uma ngikhulume iqiniso, khona-ke uJesu Kristu uzofanele ame ngaseZwini laKhe, ngoba LiyiQiniso. Ngabe lokho kukwenza kulunge na? Sonke siyakukholwa lokho. Kulungile.

196 Manje nakhu lapho kufika khona elamanqamu. Ngabe umBhalo uqinisile, noma ngabe Uyiphutha na? Manje, nakhu lapho . . . Akuphumi kwamanye amagumbi amnyama. Akuphumi phandle laphaya lapho udeveli esebenza khona. Kukhona lapha phambi kwendlu kaNkulunkulu, khona lapho phambi kwabangcwele abagcotshiweyo nabantwana bakaNkulunkulu, okuthengwe ngeGazi laKhe. Nakhu simile, sobabili, phambi kukaNkulunkulu naphambi kwalomsamo ongcwele, leliBhayibheli, uMoya oNgcwele ekhona. Manje kuzokwenzekani na? Ngingumuntu, njengoba nawe unjalo nje. Manje, kuzofanele kuthathe ubuNkulunkulu, kuzofanele kuthathe uMoya kungenjalo ngeke kusebenze. Kodwa ngiyazi

ukuthi Ulapha. Wenza isithembiso. Angeke Abuyele emuva esithembisweni.

197 Manje, Nkosi, kusukela manje kuye phambili ngiyakhuleka ukuthi UzoZibonakalisa, ukuthi abantu bengahle babone ukuthi UyiNdodana kaNkulunkulu. Futhi lokhu kuvunyelwe nguWe, ukugcwalisa iZwi kithina beZizwe. AmaJuda akubona ngezinsuku zawo. AmaSamariya akubona ezinsukwini zawo. Kodwa abeZizwe abakubonanga, ngoba kwakufihliwe kubo. Futhi Wena washo ukuthi bayoba nosuku lwabo. Manje wunyaka wabeZizwe, futhi Uyabakhombisa. Uma Wazembula Wena uqobo njengoMesiya, kumaJuda, ngokutshela uPetru ukuthi wayengubani, utshela uNathanayeli lapho ayekhona; futhi Wazembula Wena kumaSamariya, ngokutshela owesifazane lokho, inkathazo ayenayo; khona-ke angeke Ubedlule abeZizwe, ngokujoyina nje ibandla. Bafanele bemukele okungaphezu kwemvelo, ngoba Unguye izolo, namuhla, naphakade, futhi Uzenza Waziwe ngokufanayo. Siphe, Nkosi, kuzoba njalo, ukugcwalisa iZwi laKho. EGameni leNkosi uJesu Kristu, ngiyakucela.

198 Futhi, Baba, ngikhulekela ukuthi Uzovikela abantu. Isizathu, siyaqonda ukuthi uma imimoya emibi iba phezu kwalababantu abagulayo, bayoya kubagxeki noma yini-okunye. Ngakho-ke ngikhulekela ukuthi Uzovikela futhi usinike umusa thina sonke. Sicela eGameni likaKristu. Amen.

199 Ngifuna nje nina niphendule nje. Okokuqala, ngifuna nje ukukhuluma nani, njengoba iNkosi yethu yakhuluma nowesifazane emthonjeni.

200 Manje wena uthi, "Ukwenzelani lokho, Mfowethu Branham na?" Ukubamba umoya wakho.

Njengoba Enza nje, wathi, "Ngiphuzise."

201 Uyafika, waletha amanzi, wayezowaletha amanzi. Kodwa wathi, "Akusilo isiko kini maJuda ukucela amaSamariya okunjalo."

202 Uqala ukukhuluma naye, "Kodwa ukuba bewazi ukuthi ubukhuluma noBani."

203 Manje, phezu kwalokhu, siyizihambi, sihlangana okokuqala. Khona-ke, wena ulapha ngenhloso ethile. Angazi ukuthi iyini. Kodwa uma iNkosi uNkulunkulu izokwembula kimi lokho okuzele lapha, noma into ethize oyenzile, into ethize ofuna yenziwe. Futhi uma Engakutshela lokho obuyikho, ngempela Ubeyokwazi lokho obuyoba yikho. Ngokuba ubuyokwazi ukuthi lokho kuyiqiniso noma qha. Uyazi noma lokho kuyiqiniso yini, ngoba nguwe ophile leyongxenye yokuphila. Awu, uma Engakutshela lokho obuyikho, khona-ke angakutshela lokho ozoba yikho, ngokuqinisekile uzizwa kahle ngokukwenza, ubungeke na? Impela ubuyozizwa. Ngakho-ke lokho kuyimfihlo

yakho. Niyabo? Lokho amandla akho. Lowo nguMoya oNgcwele, ukuzembula qobo lwaWo, njengoba Ethembisile.

204 Manje, wena u—ungowesifazane, mina owesilisa. Simile lapha. Unomoya, noma ubungeke ume lapho. Nginomoya; bengingeke ngime lapha. Ngiyabona ukuthi ungumKristu. Ngoba, ngokushesha nje lapho umoya wakho ubamba lapha, uyemukeleka. UMoya oNgcwele, ophezu kwethu, uyakuqonda wena njengomntwana waKhe. Manje, bengingenalwazi, noma ngabe owesifazane ubengumKristu, noma isoni, noma umhlambalazi, noma ini, kodwa lowomoya!

205 Futhi manje uma ibandla. . .Bangaki abake basibona isithombe saleyoNgelosi yeNkosi, abanaso eWashington, DC, nakuyo yonke indawo na? Niyabo? NaKhu, khona lapha phakathi kwami nowesifazane.

206 Manje, uzovuma, noma uyazi ukuthi Into ethize iseduze nawe, umuzwa omnandi ngempela. Kunjalo. Ukuze abantu bezokwazi, vele uphakamise isandla sakho, ukuze babone. Kuwumuzwa omnandi wangempela. Ngibheke ngqo kulokho kuKhanya. Kuyahamba phakathi kwami nowesifazane.

207 Manje, leyoNsika yoMlilo yalandela abantwana bakwa-Israyeli, ehlane. Kwakusesihlahleni esivuthayo, eyakhuluma noMose. Ngenkathi Yayimelelwe kuMuntu, uJesu, Wathi, "Engakabikho u-Abrahama, NGIKHONA." UNGIKHONA kwakunguYe owayesesihlahleni esivuthayo.

208 Futhi imisebenzi u NGIKHONA ayenza, ngenkathi WayekuJesu, wethembisa ukuthi Uzofika ngezinsuku zokugcina futhi enze into efanayo futhi. NaNsi, iNsika yoMlilo efanayo. Ososayensi bayakwazi. Umhlaba uyakwazi. Ibandla liyakwazi. Siyakwazi. NaNsi. Ngabe kuzosebenza na? Ngabe kuyinto efanayo na? Impela. Kuyinto efanayo.

209 Kukhona isifo segazi esingalungile ngalo wesifazane. Ngibona igazi, libukeka sengathi lilula noma limhlophe. O, isifo sikashukela. Unesifo sikashukela. Kunjalo. Angimazi owesifazane. Makabe ufakazi. Ukuhlolwa kwakubonisa okuthile obekuyisifo sikashukela. [Udade uthi, "Kunjalo."—Umhl.] Yilokho okungalungile ngawe. ["Kunjalo."] Yiqiniso lelo.

Manje wena uthi, "Ukuqagelile lokho, Mfowethu Branham."

210 Sizobona uma Kuqageliwe. Ngaphandle kwalokho, uhlushwa ukwethuka okukhulu kakhulu. Kunjalo. Kukhona okungalungile emilenzeni yakho futhi. Lowo ngu ISHO KANJE INKOSI. Akusikho ukuqagela, ingabe yikho na? [Udade uthi, "Qhabo, mnumzane."—Umhl.] Awusiye owalapha. Uvela eNingizimu. UngowaseTexas. Igama lakho uNkk. Christian. Buyela emuva; usuphulukisiwe. . . .?. . .

211 Manje, akusikho ukuqagela, yikho, mngani na? NguMoya weNkosi. "Uma ungakholwa."

212 Umzuzwana nje. Niyabo? Niyabo? [Udade uyathokoza—Umhl.] Uyathokoza nje manje, enesikhathi esimnandi eMoyeni. Niyabo? Kukhona okwenzekile kuye. Isiqalekiso simshiyile owesifane. Uma ubukade ugula kanjalo, mhlawumbe ubuyozizwa ngendlela efanayo.

213 Kulungile, nenekazi. Manje, uyakholwa ukuthi iNkosi uJesu inguye izolo, namuhla, naphakade na? [Udade uthi, "Ngiyakholwa."—Umhl.] Uma iNkosi uJesu izokhuluma ngami futhi ingitshele ukuthi iyini inkathazo yakho, uzokwazi ukuthi kuyiqiniso noma qha. Awuzizele ngesingawe lapha. Uzele omunye umuntu, indodana yakho. Indodana inenkathazo yephaphu, nenkathazo ngezibilini. Manje, leloduku osule izinyembezi ngalo, libeke kuyo. Ungangabazi. Izophila. Ungangabazi. UNkulunkulu akubusise, dadewethu.

214 Sawubona, nenekazi? Manje, lona wesifazane omi lapha usibekelwe ukufa. Uyakholwa ukuthi iNkosi ingakuphilisa na? UNkulunkulu welapha umdlavuza. Uyakwazi lokho. Umdlavuza webele. Kunjalo. Kodwa uyakwamukela ukuphulukiswa kwakho. UnguNkk. Woodward. Buyela, kholwa ngayo yonke inhliziyo yakho, kuzokushiya. Uma usengakholwa njengoba unjalo manje, angeke ufe ngakho. UNkulunklu akubusise. Hamba ngendlela yakho futhi uthokoze. Yiba nokukholwa.

215 Manje, leli yinenekazi, ngiyakholwa, elikhulume kimi kulokhu ukusa, uthe uphulukisiwe emhlanganweni phambilini. Kulungile. [Udade uthi, "Eminyakeni eyisikhombisa edlule...?..."—Umhl.] Eminyakeni eyisikhombisa edlule. Kulungile.

216 Yana phezulu nje, suka kuleyofeni lapho, uma ungakwazi, mhlawumbe ungangizwa kangconyana. Hamba nje ngalendlela, sondela nje kancane.

217 Khona-ke, ngokwazi kwami, siyizihambi omunye komunye, akungaphezu kokusho nje "sawubona" kuwe, kulokhu ukusa. Nginitshelile, uma benifuna okuthile kokubona okufihlakele, kungcono nilinde kuze kube yilobubusuku, ukuze sihlangane egumbini futhi sivumele uMoya oNgcwele wembule okuthize mhlawumbe okungasisiza.

218 Manje, uyagula kakhulu, ngoba awukwazi neze ukuma lapho. Futhi u—ufuna ukukholwa. Uzama ukukholwa. Uke wasibekelwa ithunzi lokufa, nawe. Lesosifo sofuba, noma okuthize okunjalo, obenakho eminyakeni edlule. Futhi manje unenkathazo emphinjeni wakho. ["Yebo."] Futhi wesaba ukuthi umdlavuza. Uyesaba ukuthi yilokho kuyiwo. Uyazibuza ukuthi lokho yiqiniso yini. Futhi ure-. . . Ufuna umkhuleko. Ukhulekela okuthize, noma othize osekhaya lakho. Kunjalo. Ungowase-Ohio, uNkk. McCarroll.

219 O Nkosi Nkulunkulu, Mdali wamazulu nomhlaba, susa ukwesaba kulomntwana. Uma Uphephisa impilo yakhe, eminyakeni edlule, kulelothunzi, futhi ukubone kwedlula, kungabanjalo kulobubusuku. Ngiyamlahla lodeveli; suka kowesifazane, eGameni likaJesu Kristu. Kwangathi angabuya futhi aphile, eze emhlanganweni ozayo, enikeza ubufakazi balokhu kuphulukiswa. EGameni likaJesu Kristu. Amen.

220 Ungangabazi nakancane. Yana ekhaya, ululame. [Udade uthi, "Ucabanga ukuthi ngizophila, Mfowethu Branham na?"—Umhl.] Impela. Ngikholwa ukuthi ukahle. Hamba nje uphumele lapho, uthokoza, uthi, "NgiyaKubonga, Jesu."

"Uma ukholwa, konke kungenzeka."

221 Uyakholwa, mnumzane na? Uyangikholwa ukuthi ngingumprofethi waKhe na? [Umfowethu uthi, "Ngiyakholwa."—Umhl.] Hhayi . . . Inceku yaKhe nje, niyabo, ake sikusho kanjalo. Siyizihambi omunye komunye. A—angikwazi, nawe awungazi. Manje kukhona okwenzekile ndawo ndawo, kukhona okwenzekile ezethamelini. Qhabo, bekungenjalo. Kunjalo futhi. Ngomunye umuntu omkhulekelayo, ngumntwana. Kunjalo. Kulungile. Bekungumntwana. Ngicabange ukuthi bekungumntwana ezethamelini, kodwa ngumntwana wakho. O, izinto eziningana ezingalungile. Uzohlinzwa isibhono, kanjalonjalo. Ungowase-Illinois. Buyela emuva, yiba nokukholwa. Umntwana wakho uzophila. UNkulunkulu akubusise. Woza. INkosi ikubusise.

Uyakholwa na? Yiba nokukholwa kuNkulunkulu. Ungangabazi.

222 Ngiyayazi lendoda ehlezi lapha ekhoneni. Angilazi igama layo, kodwa ngiyazi ukuthi iza lapha. Iyehla, njalo kanye ngesikhashana. IngeyaseMichigan. Kodwa ihlezi lapho, iyakhuleka. Angazi ukuthi yini inkathazo yayo, kuze kube manje, kodwa ngiyazi manje. Ngakho-ke ngizoyitshela, ngoba ngikholwa ukuthi kuzoyisiza. Inkathazo yakho yeqolo ikushiyile . . . ? . . . Yiba nokukholwa.

223 Uyakholwa ngenhliziyo yakho yonke, mnumzane na? Yinkathazo yegazi, isifo sikashukela. Awusuye owalapha, nawe. UngowaseGeorgia. UnguMnu. Johnson. Buyela emuva, ukholwe ngayo yonke inhliziyo yakho. Kuzokushiya.

224 Manje, o, angikwazi, angikholwa. Kodwa ngibone uNkk. Scharrer evela lapha. Ngabe uNkk. Scharrer usesakhiweni na? O, ukhulekela into efanayo engalungile nga*lo* wesifazane. *Wena* unenkathazo yesisu, futhi *wena* unenkathazo yesisu. Kunjalo. Ngabe lelodemoni lizama ukubamba ngamunye wenu. Uphulukisiwe. Qhubeka futhi uphile . . . ? . . .

225 Awukukholwa lokho, uyakukholwa na? Uyakholwa ukuthi uNkulunkulu uzomphilisa, amsindise, umfana omncane na? Ngiyesaba yi-TB. Kodwa uyakholwa ukuthi uNkulunkulu

uzokwenza kulunge na? Ungakhathazeki, Dadewethu Funk, kuzolunga. UNkunkulu akubusise.

226 Ubani omunye onamakhadi omkhuleko na? Bukani, cishe oyedwa noma ababili ngaphezulu, ngiqagele.

227 Umama wakho loyo na? Ngimbona emi eduze kwakho khona-ke. Yena unesifo sokuvuvuka komphimbo ufuna sikhulekelwe.

228 "Uma ukholwa, konke kuyenzeka." Yiba nokukholwa nje kuNkulunkulu. Noma yimuphi nje kini, bukani futhi niphile. Niyakukholwa na? Ngani, uKristu ulapha.

229 Uzizwa uhlukile manje, awunjalo, sisi na? Manje yana ekhaya futhi uphile manje. Nje. . . [Udade uthi, "Uyakholwa ukuthi ngizophila na?"—Umhl.] Ngani, impela. Ngempela. Ngempela. Ngikholwa ukuthi uyaphila. Impela. Amen. Nje, uyabo, wena, unalokho kuphithana okuzungezile, uyabo, kodwa amandla akho ephukile, emizuzwini embalwa nje edlule. Qhubeka nje ukholwa. Cindezela uqhubeke. Yana phambili, khuluma, "Ngemivimbo yaKhe ngiphilisiwe." Yima ngqo kukho, futhi uzoqhubeka nje, uphile. Konke kuzolunga. Buka konke ukuKhanya okukuzungezile manje, lapho bekumnyama ngenkathi ubulapha, emsamo. Ukahle. Isibusiso siphezu kwakho manje, uma nje uqhubeka uhamba.

230 Malibongwe iGama leNkosi. Uyakholwa ngayo yonke inhliziyo yakho na? Ngizwa sengathi uMoya oNgcwele ufuna ukwenza okuthize, umile ngqo. Amen.

231 Yeka ukukhala, laphaya, nenekazi. Ukhulekela umngane osesibhedlela saseNew Albany, one-TB. E-hhe.

Uyakholwa ukuthi Ulapha na?

Awu, asikhothamise amakhanda ethu umzuzwana nje manje.

232 Moya oNgcwele kaNkulunkulu, ngenkathi inyama yami isaqhaqhazela, igcotshwe ngoBukhona baKho; hhayi eyami kuphela, kodwa nabanye phakathi lapha; aMandla okuvuka kwaKho aphila phakathi kwethu manje nje. Siyazi ukuthi simi phambi kukaNkulunkulu ophilayo Owazamazamisa iNtaba yaseSinayi. Hhayi lokho kuphela, kodwa Azozamazamisa umhlaba ekuBuyeni kwaKhe, Owavusa uJesu kwabafileyo, futhi umi lapha kulelibandla elincane kulobubusuku. Nkosi, besingeke sakhe indawo ebingafanela Wena ukuba uze kuyo. Kodwa, ekuthobeni kwaKho, Uza kwabathobekile kunabo bonke. Siyabonga kakhulu ngalokho. Usivakashele. Uzifakazisile Wena uqobo phakathi kwethu.

233 Siyalikholwa iZwi laKho. Nkosi, ngiLikhulumile, njengenceku yaKho. Manje kwangathi singaqhubekela phambili, njengoba uMlayezo usicelile. Kwangathi singaqhubekela phambili, emandleni okuvuka kwaKhe.

Kwangathi kungebebikho muntu obuthakathaka; kwangathi uMoya oNgcwele ungangena nje ngokuphelele kulesisakhiwo manje futhi uphulukise wonke umuntu olapha. Kwangathi kungebebikho ukugula okusele phakathi kwethu. Kwangathi kungebebikho ukungabaza okukodwa phakathi kwabantu. Kwangathi kungaba khona ukuzamazama okungaka phakathi kwabantu, manje nje, ukuthi bazozwa ukuthi zonke izinto zikahle. Siphe khona, Nkosi.

234 Ngenkathi sisakhothamise amakhanda ethu, ngifuna umuntu ohlezi eduze kwakhe, ngifuna ubeke izandla zakho kumuntu oseduze kwakho. Vele ubeke izandla zakho phezu kwabo. Ngaphakathi noma ngaphandle, akunandaba ukuthi ukuphi, beka izandla zakho phezu komunye nomunye. Angikhathali ukuthi yini oyidingayo. Lokho akusho lutho nakancane. Angikhathali ukuthi umuntu ukuphi, angahle abe ngaphesheya kwezilwandle, ngaphesheya kolwandlekazi. Akunandaba ukuthi kukuphi, uNkulunkulu usibekela yonke indawo, ugcwalisa sonke isikhathi. Unamandla onke. Usezindaweni zonke. A—Akanamkhawulo. Ulapha manje. Uyawuzwa umkhuleko wakho.

235 IBhayibheli lathi, "Lezizibonakaliso ziyakubalandela abakholwayo." Futhi ngamunye wenu uyikholwa. "Uma bebeka izandla zabo phezu kwabagulayo, bayakusinda."

236 Nibeke izandla zenu omunye komunye. Nixhumene phezulu lapha, njengeqembu. Manje ngifuna nikhulekelane. Khulekani ngendlela yenu. Ngamunye wenu qalani nje ukukhuleka. Khulekela umuntu olandelayo, uthi, "Nkosi, phulukisa umuntu engimbeke izandla."

237 Nkosi Jesu, njengoba bekhuleka, yizwa imikhuleko yabo, Nkosi, ukuze bazi ukuthi akusiyo nje inceku eyodwa. Bayizinceku zaKho. Sonke simunye. SiyaKuthanda, Nkosi. Izigaba zethu ezehlukene, izivumokholo zethu ezehlukene, amahlelo ethu awasehlukanisi neze kuNkulunkulu ophilayo. Manje siseBukhoneni baKhe. Siyabonga futhi siyathokoza ukuthi Ulapha. Asibufanele uBukhona baKho, kodwa sikhulekela ukuthi Uzophendula umkhuleko wethu. Senza lokhu ngokweZwi laKho. Wena wathi, "Lezizibonakaliso ziyakubalandela abakholwayo. Uma bebeka izandla zabo phezu kwabagulayo, bayakusinda." Futhi babeka izandla omunye komunye. Makuthi uMoya oNgcwele omkhulu Ongembula izimfihlo zenhliziyo, owathenjiswa yiBhayibheli, uJesu ophilayo ovusiweyo Owathembisa ukuba nathi kuze kube sekupheleni kokupheleliswa, makuthi Yena manje enze umsebenzi Awethembisa. SiyaKukholwa, Nkosi, njengoba sinikela lezizethameli ezandleni zaKho, eGameni leNkosi uJesu Kristu. Amen.

238 Phezu kwegunya eliyisisekelo leZwi likaNkulunkulu uSomandla elilotshiwe, ngobufakazi bukaMoya oNgcwele okhona lapha, owazi izimfihlo zenhliziyo futhi owembula izimfihlo kubantu; phezu koBukhona baKhe, isisekelo seZwi likaNkulunkulu, ngimemezela kini nonke, "niphilisiwe," eGameni likaJesu Kristu. Kwangathi ningahamba ningabe nisaphinda nigule. Kwangathi uNkulunkulu anganibusisa futhi anivikele.

239 Ngethemba ukuphinde nginibone, maduze impela. Kuze kube ngaleyonkathi, inkonzo ibuyela kumelusi, uMfowethu Jackson. UNkulunkulu akubusise.

